# *Ukuphila*

[Umfowethu wethula uMfowethu Branham—Umhl.] Ngiyabonga.

2 Asibe silokhu simile umzuzwana nje senzele umkhuleko, uma nithanda. Singakhothamisa amakhanda ethu sisakhuleka.

3 Nkulunkulu othandekayo, siyabonga kuWe, impela, ngalenhlanhla enkulu yokubuthana ndawonye futhi sikhonza Wena. Futhi sizocela izibusiso zaKho ukuba ziqhubeke, Nkosi, phezu kwalenkonzo kulobubusuku. Futhi sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha isikhundla saWo kuzo zonke izihlalo nazo zonke izikhala zezihlalo, futhi kwangathi abesilisa nabesifazane bangaba nokubuzwa uBukhona baKhe.

4 Futhi uma kuba khona isono phakathi kwethu, Nkosi, sithethelele, futhi uma kukhona ukugula, siphulukise; futhi uthole inkazimulo enkonzweni, Nkosi. Futhi manje, lapho sifunda iZwi laKho, sikhulekela ukuthi Uzobusisa iZwi laKho, futhi kwangathi singaba nenhlanganyelo ngaseZwini. Ngokuba siyakucela, eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. Ngifike kuse-eli kancanyana nje kulobubusuku futhi bengihlezi emuva lapho kwelinye lama—amabhentshi ngenkathi ngizwa lokho okuhle, ukucula okuyifeshini endala, ikhwaya, ne—nezinsimbi. He, ngicabange ukuthi mhlawumbe isikhathi seminyaka eyiNkulungwane bese sithi asilungele ukuqala, lokho kuzwakale kahle ngempela. Uma noma yini engiyithandayo ngukucula okuhle. Futhi ngifisa sengathi. . .Bengihlala ngicabanga ukuthi ngingathanda ukuba iNkosi inginike iphimbo ukuba ngicule, a—angikwazi nje ukwenza umsindo othokozisayo.

6 Ngakho kodwa, uma ufuna isikhathi esinqunyelwe ukubonana nami, kothi nje ukuphila kungaphela, futhi konke sekuphelile, kukhona i. . .lapho umfula wokuPhila uphuma khona ngaphansi kwesihlalo sobukhosi, uyehla, *ngale*ndlela, futhi uzungeza intaba ye—yensindiso, futhi lapho izihlahla zikhona ngapha nangapha kwentaba, ngale ngakulelocala kukhona ikhwaya eculayo, onke amaphimbo amakhulu ayacula laphaya, kuzoba noSankey, nabo bonke laphaya becula, nangale ngakulolu olunye uhlangothi, kunesihlahla esincane, ngizobe ngihlezi phansi kwalesosihlahla ngilalele. Ngakho manje, yilapho engifuna ukubakhona ukuzwa leyo enkulu, ikhwaya yeziNgelosi ihlangana nabasazofa.

7 Kodwa niyazi, bengicabanga ukuthi iziNgelosi lapho uJesu efika. . .Futhi ukucula okukodwa engifuna ukuba kukho, ukucula okukhulu, ngukuzwa isikhathi ukuthi lapho sima phezu kwalomhlaba futhi sicule amaculo okuhlengwa, iziNgelosi

zizoma qekelele nje, zisuke emhlabeni namakhanda ekhotheme, zingazi ukuthi sicula mayelana nani. Azizange zidingeke ukuba zihlengwe, yithina esiyobe sithokoza, sasiyilabo ababelahlekile, futhi manje sesitholiwe, futhi sizocula izindaba zokuhlengwa, lapho zingeke ngisho zikuqonde, ziyoma nje zikhothamise amakhanda, futhi zisilalele sicula. Ngeke yini kube yisikhathi esimangalisayo leso na? O, ngilangazelela ukubona lokho!

8 Ngiyakuthanda ukucula okuhle, kodwa yinto eyodwa engingayithandi yiphimbo eliqeqeshwe ngokweqile. Mm! Eliqeqeshwe ngokweqile: lowo obamba umoya wabo isikhathi eside nje, baze babe luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni. Niyazi abaculeli iNkosi, bazama nje ukubona ukuthi bangabamba isikhathi eside kangakanani umoya wabo.

9 Akukho lutho oluhle ukwedlula okuyifeshini endala, ukucula kwePhentekoste, nenkazimulo kaNkulunkulu emhlanganweni. Leyo yinjabulo yangempela enhliziyweni yami, futhi ngijabule kakhulu ukuzihlumelelisa ebukhoneni balokho kucula okuhle kulobubusuku. INkosi inibusise, futhi nikugcine lokho.

10 Izolo ebusuku ngicabange ukuthi ngithe ukuniminyanisa kancanyana, ngokuba mude kancane nje, futhi thina, uhlelo lwethu—lwethu luthathe isikhathi eside kakhulu. Ngihlangane nosihlalo njengamanje, umfowethu, futhi uthe, "Qhabo, Mfowethu Branham, lokho bekulungile, asilivali ibandla lethu kuze kube ngeleshumi nqo." Mhlawumbe ubengafanele akusho lokho kimi. Kodwa ngizozama ukusheshisa ngiqede ngqo kulobubusuku, kungubusuku, ubusuku bokuvangela, nakusasa, ngani, futhi kusasa ebusuku, singena ngqo ekushumayeleni nomkhuleko wabagulayo futhi.

11 Manje, kulobubusuku ngifuna ukukhuluma endikimbeni evela emBhalweni. Futhi ngiyathanda nje ukufunda iZwi. Anilithandi iZwi na? Bangaki abafundi beBhayibheli abalapha na? Phakamisani izandla zenu nje phezulu ngempela. O, lokho kuhle.

12 Futhi ukwehla ngenkathi. . . Ngokwejwayelekile, ngaphambi kokuba sizele lologcobo ukuba, okomugqa womkhuleko, ngifanele ngihlale ngithule, ngizila ukudla futhi ngikhuleka, kodwa lapho ungadingekile ukuba wenze lokho, ngokwehla ukuba nje ukhulume, uzizwa wehlukile nje, niyazi, nguMoya ofanayo, kodwa ukusebenza okwehlukile.

13 Futhi manje, ngiyathanda ukufunda iZwi, ngoba iZwi liyiZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu ufana nje njengoba iZwi laKhe linjalo. Futhi manje ngifisa ukufunda eNcwadini yamaHubo, iHubo 63, futhi ngifuna ukufunda amavesi amathathu okuqala:

*O Nkulunkulu, wena unguNkulunkulu wami; ngiyokufunisisa ekuseni: umphefumulo wami womela*

*wena, inyama yami ilangazelela wena ezweni elomileyo eligagadekileyo, lapho amanzi engekho khona;*

*Ngibone amandla akho nenkazimulo yakho, njengalokho ngikubonile endaweni* yaKho *engcwele.*

*Ngokuba umusa wakho umnandi* kimi *kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.*

Ngiyalithanda lelovesi 2, kahle ngempela:

*Ngibone amandla akho nenkazimulo yakho, njengalokho ngikubonile endaweni* yaKho *engcwele.*

14 Kodwa indaba iyoba kulobubusuku evesini 3:

*Ngokuba umusa wakho umnandi kunokuphila, izindebe zami ziyakukudumisa.*

15 Futhi ngifuna ukukhuluma ngendaba cishe imizuzu engamashumi amabili noma amashumi amathathu yokuthi: *UkuPhila.*

16 Ukuphila yilokho okusilawulayo. Saziwa ngempilo esiyiphilayo. Futhi kushiwo ukuthi "Impilo yakho ikhuluma kakhulu kangangokuthi angibuzwa ubufakazi bakho." Ngakho khona-ke ukuphila intshumayelo kuyoba ngcono kakhulu kunokushumayela eyodwa. Impilo oyiphilayo, ikhombisa ukuthi uyisimilo sini, ngoba impilo yakho njalo yakha isimilo sakho.

17 NoJesu wathi, "Niyakubazi, ngesithelo sabo." Ngakho akunandaba ukuthi besingathini, noma besingafakaza kangakanani, uma izimpilo zethu zingavumelani nalobobufakazi, senza uMbuso kaNkulunkulu ube yisikweletu ngokunikeza lobobufakazi, ngoba abantu bayazi ukuthi siyini.

18 Futhi bengihlale ngicabanga enkonzweni yomngcwabo, ukuzwa indoda ishumayela umngcwabo womunye umuntu owayephile ngokungamesabi uNkulunkulu, futhi engakaze enze lutho olufanele, futhi nokho ishumayele sengathi babengumuntu omkhulu owayehambe waqonda ngqo eZulwini, manje, akunandaba ukuthi ubuyoke uthini, abantu sebevele basenzile isinqumo sabo ngempilo ukuthi leso similo siyishiye ngemuva.

19 Futhi ngithanda ukucabanga ngoLongfellow khona lapha, ngenkathi ethi:

Ukwehlukana kusishiyela ngemuva
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

Leyo elithi *Ihubo LokuPhila.* O, ngicabanga ukuthi kuhle!

20 Manje, ibandla lamaKristu lifanele libe nesimilo sangempela-ke. Futhi uma ukuPhila kukaKristu kuseBandleni likaKristu, khona-ke Lizofanele libe nesimilo sikaKristu, Lizoveza ukuPhila kukaKristu; akungaphezu nje kwalokho esikubiza eningizimu, umqondo ohluzile. Uma ukuPhila

kukaMoya kaKristu kuseBandleni, Kuzofanele kuveze lokho kuPhila, ngoba ukuphila okukuwe kwenza isimilo sakho.

21 Futhi hlobo luni lwezimilo ebesifanele sibe yilo, othembise ngesizotha ukuthi siyokhonza iNkosi uJesu inqobo nje uma sisaphila, futhi sibhaphathizwe ekufeni kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, futhi sabeka amagama ethu phezu kohlu lwebandla, sithathe indawo yethu kuSonto sikole, bese-ke siphuma, futhi siphile into ethize ehlukile na? O, kukhulu—kuyisikweletu esikhulu embangeleni kaKristu kunawo onke amajoyinti ogweva esinawo eMelika! Nkulunkulu yipha usuku, ukuthi lapho abantu bezophila nje lokho abayikho. Futhi ungahlala ubasho ngemvelo yabo, ukwakheka kwabo.

22 Manje, ungeke uthole i—ijuba negwababa ukuba kuvumelane ndawonye. Nakuba zombili zaziyizinyoni futhi zahlala othini olufanayo emkhunjini, zombili ziyizinyoni, zombili zazinamaphiko, kodwa ngenkathi igwababa lidedelwa, lalinelisekile ngokudla izidumbu ezifile, ezazintanta zizungeza izindawo ngezindawo, futhi alizange libuyele emuva futhi emkhunjini; kodwa ngenkathi ijuba liphuma, alitholanga kuphumula kwamathe ezinyawo zalo, ngakho ladingeka libuye. Niyabo, ijuba alikwazi ukudla negwababa.

23 Futhi igwababa lingumzenzisi, lingadla ukudla kwalo uqobo, futhi liye ngale futhi lidle nejuba, futhi; kodwa ijuba alikwazi ukudla ukudla kwejuba bese liza ngapha futhi lidle ukudla kwegwababa. Ngakho kungaleyondlela ngabazenzisi, bangangena ebandleni, futhi nje bathokoze njengabo bonke abanye, futhi baphumele ngqo ezweni baphinde badle futhi; kodwa umKristu wangoqobo angadla kuphela uKudla kukaNkulunkulu.

24 Kungani ijuba lingakwazi ukudla isibhucu nezinto ezivela emhlabeni omdala, nesidumbu esidala na? Yingoba kungukwakheka kwejuba. Ijuba liyinyoni eyodwa engenayo inyongo. Uma lelojuba beliyodla esidunjini esidala, lelojuba beliyofa, masinyane, ngoba alinanyongo, alikwazi nje ukugaya leyonto.

25 Futhi owesilisa noma owesifazane oke wazalwa ngoMoya kaNkulunkulu abakwazi nje ukudla izinto zezwe futhi babekezelele isono, ngoba abasenayo inyongo, benziwe ngokwehlukile. Futhi njalo saziwa ngempilo esiyiphilayo.

26 Esikhathini esithize esedlule ezansi eNingizimu ngenkathi babenobugqila, bethatha izidalwa ezingabantu futhi bezithengise njengoba ubuyokwenza nje emotweni, futhi lapho babe, babenezinkatho, njengoba ubungaba nakho namhlanje, izimoto esezike zasetshenziswa, abathenga bathengisele abanye bafika futhi babethenga izigqila. Mhlawumbe *leli*pulazi lalinezigqila eziyikhulu, nomunye othenga athengisele abanye uyafika, futhi uthi, “Lowomfo omkhulu, ngizomthatha.”

Futhi *ngapha*, wayenowesifazane omkhulu, mhlawumbe hhayi umkakhe, abazalanise, enze izigqila ezinkulu ngokuthe xaxa. Futhi babehambahamba futhi bazithenge, njengoba nje ubuyokwenza esilwaneni.

27 Futhi ngoluny'usuku, othenga athengisele abanye othize wafika ngasepulazini, wayesethi, "Unezigqila ezingaki na?"

Futhi wamtshela, "Isibalo esikhulu."

"Kukhona esithengiswayo na?"

Wathi, "Zibheke ngale, futhi uzisho inani." Futhi wabheka . . .

28 Futhi kusobala, izigqila zalethwa ngapha zivela e-Afrika ngamaBhunu, futhi zathengiswa kubantu baseningizimu ukuba yizigqila. Futhi zazidabukile, zazingasophinde zibuyele ekhaya futhi, zaziyofanele zifele kude le nezwe lakubo uqobo, zazingeke ziphinde zimbone uyise, noma unina, nhlobo, ngezinye izikhathi abantwana bazo noma amakhosikazi azo, abafowabo noma odadewabo, zazingasophinde zibabone. Ngakho, zazidabukile kakhulu, zazisezweni labezizwe nabantu bezizwe. Futhi abantu abamhlophe babe, abanikazi bezigqila, babezibhaxabula ngezinye izikhathi ukuzenza zisebenze, njengoba nje bebengabhaxabula ihhashi, futhi babedingeka babaluse ngapha nangapha ukuze bakwenze.

29 Kodwa lelipulazi elithize lapho lo othenga athengisele abanye ayekhona, waqaphela umfo oyedwa osemncane lapho, ukuthi babengadingi ukuba bameluse, wayeqhunsule isifuba sakhe, isilevu sakhe sibheke phezulu, wayesendawaneni nje ngqo, noma ngasiphi isikhathi, babengadingeki ukuba bamthethise noma basho noma yini kuye. Ngakho lo othenga athengisele abanye wathi kumnikazi wezigqila, indoda yasepulazini, wathi, "Ngifuna ukuthenga lesosigqila."

"O," wathi, "asithengisi."

Wathi, "Ngabe u . . .? Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na? Sehluke kakhulu!"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

"Awu," wathi, "mhlawumbe usiphakela kangcono kunazo zonke."

Wathi, "Qhabo, sidla phandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini nazo zonke ezinye izigqila."

Wathi, "Awu, yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunazo zonke ezinye na?"

30 Wathi, "Ngamangala qobo lwami, ngaze ngathola iqiniso." Wathi, "Lowomfana uyindodana yenkosi yesizwe sonke, uyise uyinkosi yabo bonke. Futhi nakuba singowezizwe, sikude nekhaya, sisalokhu sazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphatha kanjalo."

31 O, besifanele sibe yini njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Besifanele siziphathe kanjani kulelizwe lamanje lesono nobugqila na? Izimilo zethu nokuziphatha kwethu kufanele kube ngokuphakeme kunakho konke ukugcina isimilo sabo bonke abanye behamba, ngoba singabezizwe, futhi siyizihambi nabafokazi, kodwa uBaba wethu uyiNkosi.

O, Ucebile ngezindlu namazwe,
Uphethe umcebo wezwe esandleni saKhe!

32 O, ngijabula kakhulu ukuba yindodana yaleyoNkosi!

33 Manje, ngenkathi ngiqala ukufunda lomBhalo lapha, ngacabanga, "Ufanele ukuthi umprofethi ukhuluma ngani na? Wathi, 'Umusa waKho wothando ungcono kimi kunokuphila.'"

34 Manje, angikwazi ukucabanga nganoma yini engcono kunokuphila. Futhi lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade, lolo luvela kuNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wayengenakuqala, ngakho Akanakuphela. LowoMoya omkhulu, besingaWubiza nge—ngemibala yothingo lwenkosazana, indlela ezedlula zonke engingakufanekisa ngayo: Omunye kwakunguMoya wothando, omunye, uMoya wokulunga, nokunye nokunye, oMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu abenza uNkulunkulu.

35 Futhi noma yini. . .Sizothatha njengegama elithi *uthando*, kunamagama amabili ahlukene, sibiza *uthando* njengoba sinalo ngani unkosikazi, elibizwa ngegama lesiGreki i*filiyo*, nothando onalo ngoNkulunkulu, yi-*Agapao*. Manje, uthando ifiliyo, njengoba unalo ngomkakho, wuthando oluphendukezelwe, khona-ke kusukela kulolohlobo lothando, luyaphendukezelwa futhi enkanukweni, futhi kwehle njalo. Futhi zonke lezozinhlobo zezinto zifanele zibe nesiphetho, ukubuyela kulokho okungenasiqalo noma isiphetho. Manje khona-ke, i-Agapao yehla yonke indlela isuka kokuphakeme kunakho konke iya kokuphansi kunakho konke, ukuhlenga isidalwa saKhe nokusibuyisela kuso uqobo.

36 O, akumangalisi ukuthi abantu abakwazi ngisho nokukuzwakalisa! Omunye wathi:

Uma thina ngoyinki sigcwalisa ulwandlekazi,
Nezibhakabhaka zazenziwe ngephepha lesikhumba;
Futhi sonke isiqu emhlabeni sasiwusiba,
Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi;
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu Phezulu
Bekuyomunca ulwandlekazi lome;
Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha wonke,
Nakuba weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.

37 Akekho oyoke azi, ukuthi uthando lwe-Agapao lwalusho ukuthini ukukhothama, nokuzehlisa emigodini ephansi kunayo yonke yesihogo esiphansi kunazo zonke, ukuletha isidalwa esiwile, sisuka esidalweni sesikhathi, siye esidalweni sePhakade. Besingeke sikuzwakalise.

38 Kodwa bengicabanga, njengoba eshilo, "'Umusa waKho wothando ungcono kunokuphila.' Yini ebingaba ngcono kunokuphila na? Yonke enye into inesiphetho, kodwa ukuphila akunasiphetho, ngakho yini ebingaba nenani kakhulu kunokuphila na?" Ngakho ngadweba loluhlobo lomqondo walokho uDavide ayekhuluma ngakho, futhi ufanele ukuthi wayekade ekhuluma ngohlobo oluhlukile lokuphila.

39 Manje, *ukuphila* kunezincazelo eziningi, futhi siyaqaphela ukuthi ngezinye izikhathi *ukuphila* kunokuhumusha okunjengalokhu: "O, siphila kamnandi ngempela!" Lokho akusikho ukuphila. Omunye wathi, "Siyazijuxuza," futhi ethi, "lokhu ngukuphila."

40 Ezinyangeni ezithize ezedlule ngangisedolobheni elikhulu, futhi nganginomhlangano, futhi ngalobobusuku, kwakukwesinye isizwe, eCanada, futhi ngalobobusuku, inhlangano ethize yaseMelika, babenengqungquthela yabo enhla lapho. Futhi ngaqaphela lapho ngishiya leli elikhulu, ihhotela elikhulukazi, kwakukhona abantu abaningi abezayo, amaMelika ayephithizela phakathi, futhi ayephuza, nabesifazane nabesilisa, bonke ngokufanayo. Emva kokuba izinkonzo zami zase ziphelile ngalobobusuku, ngagibela ikheshi, ngase ngiqala ukwenyuka, namabhodlela kagologo ayendawo zonke, futhi ngathi kumfana wesitebhisi esizihambelayo, ngathi, "Kubukeka sengathi umuntu othize ubephuza ngempela."

41 Wathi, "Impela bakwenzile." Futhi wama, cishe nje esitezi sesishiyagalombili noma seshumi, ukuba angehlise, futhi lapho ngiphuma, ngangisekheshini mina nomfana, ngenkathi ngiphuma, ngezwa into ethize phezulu ephaseji. Futhi lapho sengiphumile endaweni encane—encane lapho esiphuma khona ekheshini, ngabheka phezulu ephaseji, futhi angikaze ngizwe umsindo onjalo, wawo onke amazwi angcolile engake ngawezwa. Futhi ngama umzuzwana nje.

42 O, lokhu kuyashaqisa! Amanenekazi amabili asemancane, athi awabe, o, angasekupheleni kwamashumi amabili noma ngasekuqaleni kwamashumi amathathu egqoke nje izingubo zawo zangaphansi, bobabili abesifazane beshadile benezindandatho zomshado, futhi babenebhodlela elikhulu likagologo, futhi babeledluliselana omunye komunye, bese-ke bedonsa izingubo zabo ezincane zangaphansi futhi bedazuluka.

43 Futhi niyazi ukuthini? Mhlawumbe umyeni ekhaya enakekela ingane, ngenkathi babe "nokuncane, ukuzijabulisa okungenacala." Yisono! Futhi ngapha nangapha, omunye

wesifazane ekhaya enakekela ingane, ngenkathi umyeni wakhe esephezulu lapho naye "enokuncane, ukuzijabulisa okungenacala." Ngesisezingeni, sokungamesabi uNkulunkulu, isono esingcolile! Nenkokhelo yakho ngukufa, ukwehlukana noNkulunkulu kuze kube phakade.

44 Futhi nampa behla ngephaseji, nendoda eyodwa ibadumela, edonsa *ngale*ndlela, nomunye *ngaleyo*ndlela, indoda iphuma eminyango. Ngavele ngahlehla ngase ngibhekisisa umzuzwana nje neBhayibheli lami. Futhi ekugcineni, lapho sebededelwe indoda yokugcina . . . Futhi yadaxazeka phansi, futhi yadingeka igaqe ngezandla zayo namadolo ukuba ibuyele egumbini, nomunye ethululela ugologo phezu kwayo, eyingenisa.

45 O, ukubona kokungamesabi uNkulunkulu okunje pho! Futhi ngabuka lokho ngase ngicabanga, "O Nkulunkulu!" Ngibone laba ababili abahle, abesifazane abancane, begqoke nje ingubo yabo yangaphansi, futhi bama ngaphezudlwana kwami nje, futhi bazama ukwedlulisa ibhodlela omunye komunye, nomunye wafinyelela phansi wayesecosha isiketi sakhe esincane, wayesekhahlela izinyawo zakhe phezulu emoyeni, wayesethi, "Wuupi! Lokhu ngukuphila!"

46 Angibange ngisakwazi ukukumela, ngaphuma, ngathi, "Dadewethu, uphambukile, lokhu ngukufa!"

47 Ngakho *ukuphila* kunokuhumusha okungaphezu kokukodwa. IBhayibheli lathi, "Ophila ngokutamasa ufile esaphila." Yilokho uNkulunkulu akusho.

48 Futhi wabheka ngale, futhi wathatha ibhodlela, ngathi, "Umzuzwana nje," leliBhayibheli elifanayo esandleni sami, wandwezisa amehlo akhe wayesengibuka, ngathi, "Ngingumshumayeli weVangeli, futhi ngingumMelika, nami, kodwa ngicishe impela ngibe namahloni ngezwe lakithi, ukuthi nize lapha futhi nalimela ngendlela enenza ngayo." Ngase ngithi, "Ngiyakudabukela!" Bawisa ibhodlela, futhi basho behla ngephaseji, ngamandla abo onke. Babecabanga ukuthi babephila, kodwa babefile esonweni naseziphambukweni. O, isimo esinje pho!

49 EHamilton, e-Ohio, maduze nje, nganginomhlangano, futhi base bekhuphukele kwabayisikhombisa, abayisishiyagalombili, abantu abayizinkulungwane eziyishumi, futhi ngadingeka ngihlale ngaphandle kwedolobha. Sasidla esitolo othenga udlele kuso esincane iDunkard, amanenekazi ayehlanzekile futhi ebukeka kahle, lapho engena futhi aweta, nayo yonke into nje ibukeka ihloniphekile kakhulu, awu, sikujabulele lokho. ISonto lafika, futhi ngeSonto ntambama, ngangizokhuluma, uDkt. Baxter waye, wange—wangenza ngakhuluma, owayeyimenenja yomkhankaso, ngiyokhuluma ngeSonto ntambama, bese-ke ngilinda kuze kube yiSonto ebusuku ngenkonzo yokuphulukisa.

Ngalamba, ngacabanga, "Ngikholwa ukuthi ngizohamba ngiyothola okudliwayo, isemishi nje, lithi ukungibamba."

50 Futhi lapho ngiphuma ngomnyango, isitolo othenga udlele kuso esincane iDunkard, babevalile, futhi babeye esontweni. Futhi ngibone nje ngapheseya kolunye uhlangothi ejwayelekile, indawo encane eseceleni komgwaqo namasemishi nezinto, ngangena lapho. Futhi ngenkathi ngingena, kwakukhona iphoyisa ligaxe owesifazane ngezingalo zalo, lidlala umshini wokugembula, futhi ukugembula akukho emthethweni e-Ohio. Nendoda enguntanga wami, okwakungukuthi, mhlampe, indoda eshadile nesigejane sabantwana asebekhulile. Ngabuka phansi ngakwelinye icala, kwakukhona itshitshi eliselincane lihlezi eduze kwesigejane salabo bafana bejakethe yezithuthuthu, ne, niyazi, nezingubo zabo zilengiswe ingxenye.

51 Futhi uNkulunkulu abusise leyondoda kulelokolishi ngelinye iviki, yenza lesosigejane sezixhwanguxhwangu ziqondiswe, yathi, "Kuphakathi kokuthi uzogqoka izingubo ezehlukile, noma uphume kulesisikole!" Uma amadoda amaningi ayenomoya omningi waseMelika nomgogodla kanjalo, besiyoba nezikole ezingcono nobuhlongandlebe bentsha obuncane, ukugwazana esitaladini, nezinto.

52 Futhi nampa babehlezi emuva lapho, nentombazane encane eyitshitshi, neziketi zayo zilenga, nalabobafana beyigaxe ngezingalo zabo ngasezinqulwini zayo nezinto, ngacabanga, "O bakithi! Mangiphume lapha."

53 Futhi lapho ngiphenduka ukuba ngibuke, kwakukhona ugogo omdala, wayeyoba namashumi ayisithupha-nanhlanu, kalula, uma engengaphezulu, isikhumba sakhe sasishwabene sonke, futhi wayefake lobo buqhathanzipho ezindebeni zakhe noma, noma ngabe niyibiza ngani into, zibukeka zil'hlaza s'bhakabhaka, nenenekazi elincane linezinwele zalo ezigundiwe futhi zonke zishwabene, nepheya lalezi ezindadlana, izingubo zokungamesabi uNkulunkulu ezifakile, ehlezi namadoda amabili asekhulile, kwakuyisikhathi sasehlobo, nomunye wabo egqoke ijazi elikhulu elide, likahulumeni. Base becela uxolo futhi baphuma.

54 Futhi ngacabanga, "Nkulunkulu, Ungama kanjani ukuba ubuke isono na? Uma bekuyokwenza mina, isoni esisindiswe ngomusa, ngizizwe njengakho, kwenzani kuNkulunkulu oNgcwele na? Kubukeka sengathi Ubuyoyibhubhisa nje into."

55 Futhi lapho ngikubuka, ngangena emva komnyango ngase ngiqala ukuphuma, nombono wafika phambi kwami: Ngibone umhlaba, futhi emhlabeni jikelele kwakuyisifutho, futhi sasibukeka sibomvu. Kwase kuthi-ke khona manjalo, ngabona, ngombono, iNkosi uJesu, nezono zazibambelela kuYe, futhi kwakuyizono zami, futhi sasishaya sisuka kolunye uhlangothi siye kolunye, njengebhampa emotweni. Futhi njalo lapho ngenza

okuthile, kwakuMshaya. Futhi Wangibuka ngamehlo abukeka ekhandlekile, ngathi, “Nkulunkulu wami, ngabe ngikubangele lokho na?” Ngabuka kubekiwe futhi kwakukhona incwadi yami ivuliwe, igama lami esiqongweni, zonke izinhlobo zemishwe emnyama kulo, ngase ngithi, “Nkosi Jesu, ngithethelele.”

Futhi Wathinta umunwe waKhe ohlangothini lwaKhe, wayesebhala kuyo, “Uxolelwe,” wayeseyiphosa emva kwaKhe.

Ngase ngithi, “O Nkosi Nkulunkulu, ngempela angazi ukuthi ngithini! NgiyaKuthanda nje ngalokho.”

Wathi, “Manje, Ngiyakuthethelela izono zakho, kodwa ufuna ukumqhumisa.”

56 Ngase ngibona owesifazane, ngiphuma embonweni, ngaya ngale kuye, ngase ngithi, “Sawubona?”

Wayesethi, “Sawubona?” Wayephuza, acishe adakwe impela.

Ngase ngithi, “Ngingahlala phansi na?”

Wathi, “Ngiyabonga, kodwa kukhona engihambisana naye.”

Ngathi, “Bengingakuqondile ngaleyondlela.” Ngathi, “Ngingakhuluma nawe nje umzuzu na?”

Wathi, “Ungakhuluma.”

57 Ngathi, “Bengimi lapho kulowomnyango, ngifuna ukwazi ukuthi kungani uNkulunkulu engakushayanga ufe.” Futhi bengifuna ukwazi uma uSarah wami omncane noRebekah, lapho befika ekubeni ngabesifazane, uma beyokhuliswa phansi kwento enjengaleyo. Futhi ngamtshela ngombono.

Wathi, “Ngiyabona ukuthi ungumfundisi.”

Ngathi, “Nginguye.” Ngathi, “Igama lami nginguBranham.”

Wathi, “O, unguMnu. Branham ezansi lapho endaweni yokugcina izikhali.”

Ngathi, “Yebo mem.” Ngathi, “Ngiyaxolisa ukuthi ngisho lokho, noma, ngicabange lokho enhliziyweni yami.”

58 Futhi waqala ukukhala izinyembezi, wase-ke engibamba ngesandla, wathi, “Mshumayeli, ngizokutshela okuthize, ngakhuliswa ekhaya lamaKristu, nobaba wami wayengumshumayeli wamaBaptisti.” Futhi wangitshela ngomshado wakhe kumfana owayephuza, futhi wayenamadodakazi amabili ngaleyonkathi ayeshadile futhi enabantwana, bonke babengamakristu, kodwa wathatha umgwaqo ongalungile, wayesethi, “Ngiqagele sengiphelile.”

59 Ngathi, “Qhabo! Inqobo nje uma unokuphila, unethemba, ngoba iGazi leNkosi uJesu linalelizwe lihaqiwe, futhi uNkulunkulu akakwazi ukubona izono zakho. Kodwa ngoluny’usuku lapho impilo yakho yedlula ngaleya kwaleyondingilizi yeGazi, khona-ke usuvele uzehlulele.”

60 Futhi lapho kwiphansi kuleyondawo endadlana, ngaba nenhlanhla yokuholela lowomphefumulo oyigugu eNkosini uJesu, ngawuthumela ekhaya uthokoza.

61 O, izinjulo zothando lokuPhila okuPhakade uNkulunkulu afisa ukukunika abantu baKhe! Kwakuyimpilo eguqukile, wayecabanga ukuthi wayephila laphaya, kodwa wayefa. Manje uyaphila futhi uzophila phakade, ngoba unokuPhila okuPhakade, kusukela ekufeni kuya ekuPhileni.

62 Manje, abanye abantu bacabanga ukuthi ukuphuza, nokubhema, nokugembula, no, o, bezama ukwenza izinto abazenzayo ngokuzijuxuza, bacabanga ukuthi lokho ngukuphila, kodwa ngukufa. Futhi yini ebenza benze lokho, empeleni na? Nasi isizathu sokuba bakwenze: Ngoba uNkulunkulu wenza isidalwa esingumuntu ukuba some.

63 Wenzelwa leyonhloso. Zonke izitho emzimbeni wakho senzelwa inhloso, yonke into ingeyenhloso. Futhi uNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome, ngoba Wayefuna omele Yena, kodwa udeveli ukuphendukezele, futhi uzama ukukwenza ucabange into ehlukile, futhi uzama ukucima lokho koma okungcwele okubusisiwe ngokukugcwalisa ngesono. Ukunikeza ukufa esikhundleni sokuPhila, ngukuphila okuphendukezelwe, kungeke kwaba ngukuPhila okuyikho. Nodeveli wenza lokho, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wakwenza ukuba wome, kodwa womele Yena.

64 Lelolangabi elincane kuwe elenza, elifuna uthokoze, ungene enkundleni yokudansa, futhi uqhubeke, lokho ngokuphendukezelwe, leyonto ekwenza ufune ukuphuza, futhi wenze ngendlela abantu abenza ngayo, lokho, udeveli uzama ukuthatha isono futhi acime lokho koma okunikezwe nguNkulunkulu, ngenkathi uNkulunkulu akwenza ukuba womele Yena. Futhi awusoze waneliseka uNkulunkulu aze angene futhi anelise lokho koma. O, unesibindi kanjani ukuzama ukucima lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele ngezinto zezwe, lapho uNkulunkulu ekunika khona ukuba womele Yena!

65 Manje, ngithemba ukuthi angiwulimazi umuzwa kanoma ubani, ngaphandle uma kufanelekile, kodwa nje ngifuna ukunikhumbuza ezinye izinto. Kwenzekeni ebandleni kamuva na? Ibandla lalivame ukuba ngabantu abehlukanisiwe. Bengingazi ukuthi yiliphi iqembu ebengikhuluma kulo, indoda yaze yangitshela lapha bengikhuluma kubantu bePentecostal. Manje ake sibuyele emuva kancanyana nje, niyazi, eminyakeni embalwa edlule, kwakungalungile kwabesifazane bePentecostal ukuba bagunde izinwele zabo. Kwenzekeni na? Uma kwakungalungile ngalesosikhathi, akulungile manje.

66 Manje, wena uthi, "Awu, umelusi wami . . . "

67 Awu, udinga umelusi omusha. UmBhalo uthi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa indoda yakhe. Futhi uma ehlazisa, ufanele kwehlukaniswe naye.

68 Ngeke ningithande emva kwalokhu, kodwa ngizobaqotho, ukuthi ngoSuku lokwaHlulelwa, angifuni ukuma nalesosigejane esiyintekenteke, esasinamahloni ukunitshela. Ukushumayela akusilo ithikithi lokudla, kuyisibopho kuNkulunkulu ukukhuluma iqiniso.

69 Futhi kwakuvame ukuba yiphutha kwabesifazane bePentecostal ukuba bafake lokho kupenda ubuso, izinto zobuqhathanzipho ebusweni babo. Kwakuvame ukuba njalo! Ungangitsheli, ngiyakhumbula. Nani Free Methodisti, nani Missionary Baptisti, nePilgrim Holiness, namaNazarene, kwakuvame ukuba yiphutha. Kwenzekeni na?

70 Njengomfowethu omdala, umngane wami ongumshumayeli oyiMethodisti, ogama linguKelley, futhi wayevame ukucula iculo elincane:

Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
Sixegisile ngesono.
Siwise imigoqo, nezimvu zaphuma,
Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

71 Yingoba siwise imigoqo! Nifanele ukuba ngabantu abehlukile, abantu abayinqaba, abantu ababizelwe ngaphandle, abantu abahlukanisiwe, abantu belandela izinto zikaMoya, futhi hhayi izinto zenyama.

72 O, sasivame ukuba sezansi ekhoneni nesiginci, nensindiso ethile; futhi namhlanje, sikwamakhulukazi, akhukhumele, ingxenye yesigidi, amahlala bhishobhi amadola ayizigidi ezimbili, nesigejane esikhulu sezivumokholo, njengabadala, ababandayo abagcina umthetho ngamehlo esasivame ukukhuluma ngabo. Ibhodwe alikwazi ukubiza iketela ngokuthi limnyama. Kunjalo.

73 Nani besifazane bePentecostal beniyovumela amantombazane enu agqoke lezo ezindadlana, izingubo ezibukeka zinenhlamba futhi baphumele esitaladini, bese-ke ukhuluma ngobuhlongandlebe bentsha. Abakwenzi kuphela, kodwa, mama, uyakwenza, nawe.

74 "O," wena uthi, "Angizigqoki lezozikhindi," ngikholwa ukuthi lokho kubizwa ngokuthi, "ingubo eveza umhlane, a—a—angizigqoki, ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

IBhayibheli lasho ukuthi owesifazane oyogqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu. Yilokho iBhayibheli elakushoyo.

75 Futhi namhlanje, uthatha abesifazane behla ngesitaladi begqoke leziziketi ezindadlana ezimpintshe kakhulu, futhi begqoke ngokukhanukisayo kakhulu, futhi bezibiza

ngamaKristu! Ungaziphathi kakhulu njengeNkosi yendodakazi yeZulu, ungaziphathi. Futhi buka, ake ngikutshele okuthize, dade, futhi ngisho lokhu kuphela kube usizo kuwe: Lapho ukwaHlulela kufika, uzophendula ngokuphinga.

76 Ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho, noma esokeni lakho, kodwa lapho ugqoka izingubo ezinjalo futhi uhambe uphumele ezitaladini, uma isoni sikubuka futhi sikukhanukele, iBhayibheli lasho ukuthi sesiphingile nawe enhliziyweni yaso, futhi eNkantolo yokwaHlulelwa uzophendula ngokuphinga, ngoba waziveza wena kuso kanjalo. UJesu washo lokho.

77 Ubani onecala, isoni noma uwena na? Uwena. Siyingulube futhi ingulube ngemvelo, asikaze siphenduke. Kodwa uma siphendula ngokuphinga, sakwenza nobani na? “Noma ubani,” isoni noma ongcwele, “ubuka owesifazane ukuba amkhanuke usephingile naye enhliziyweni yakhe vele.” Kucabangeni.

78 “O,” wena uthi, “Mfowethu Branham, yilolohlobo kuphela lwezingubo abazenzayo.”

79 Basenayo imishini yokuthunga, akukho-zaba ngalokho. Niyazi ukuthi lokho kuqinisile. Ngabe lokho kwenza njengendodakazi yeNkosi na?

80 “Awu,” wena uthi, “Bonke abanye bayakwenza.”

Kodwa wena wehlukile, ungowezizwe, ubufanele uziphathe njengendodakazi yeNkosi.

81 Nalaba besifazane lapha, bangahle bathi, “Mfowethu Branham, sizwile ukuthi ubungozonda abesifazane, ngakho manje siyazi ukuthi unguye!”

Lokho akunjalo. Ngingumthandi weNkosi uJesu, futhi ngibophezeleke eZwini laKhe.

82 Uthi, “Kungani usigcona thina besifazane na?”

83 Kulungile, nina madoda, nakhu lapho enikhona: Noma yiyiphi indoda eyovumela umkayo abheme osikilidi, futhi agqoke izikhindi, ikhombisa ukuthi yenziwe ngani, ayisiyo indoda, ayinalo i-awunsi kuyo. INdodana kaNkulunkulu, inhloko yendlu! Kunjalo. Manje, uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Kukhombisa ukuthi wenziwe ngani. . .*Indoda* ayikalwa ngemisipha, leso yisilwane, isilwane esinobulwane, *indoda* ikalwa ngesimilo. Futhi uma uyindodana kaNkulunkulu, ukalwa ngesimilo sakho. Futhi ufanele ukuba ngumbusi wendlu, futhi uNkulunkulu uzokwethwesa icala ngalokho akwenzayo. Kodwa yena owesifazane ungunkulunkulu eMelika.

84 Futhi niyakhumbula, sengivele ngibikezele ngo 1933 owesifazane ubeyobusa lesisizwe ngaphambi kwenxushunxushu, ukubhujiswa. Niyabubona ubuso bakhe emalini, uyikho konke, ungunkulunkulukazi, uyi. . .IHollywood ikwenzile. Isizathu sokuba lokho kwenzeke, yingoba uhlale

ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ungayi emhlanganweni womkhuleko ukubuka umdlalo othize omdala ongcolile ka *We Love Susie*, noma into efana naleyo; kwakhombisa ukuthi yini eyayikuwe kwasekuqaleni.

85 Nani besifazane, esikhundleni sokuba nemihlangano yenu yomkhuleko ekuseni, umhlangano womkhuleko weshumi nqo, uhlala ekhaya ukuba ubuke into ethize yenhlamba, namahlaya angcolile, njengalowo-Arthur Godfrey noma u-Elvis Presley, umthuthambi othize uzondla ngesidumbu sabantu bakubo uqobo.

86 Munye kuphela umehluko phakathi kuka-Elvis Presley noJuda Iskariyothe: UJuda wathola izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, no-Elvis wathola amadola ayisigidi noxhaxha loCadillac. Uyimbuka kuKristu, futhi nokho, uba ngunkulunkulu, cishe impela, etshitshini nasebhungwini, besebenza esimweni esinjalo ukuthi amancane, amanenekazi asemancane angena lapho, futhi adluthule akhiphe izingubo zawo zangaphansi, bese eyiphosa emsamo ukuba ayisayine. Ukhuluma ngamandla kadeveli!

87 Yana ngale e-Afrika futhi ukubone, lowodum-dumu omdala, noma ngabe bakubiza ngani, umculo wokuzibinya, owaqala kumaLawu e-Afrika, futhi uzama ukwenelisa lokho kulangazelela nokubusisiwe, ukoma okungcwele ngokuhlohla leyomfucumfucu phansi endaweni lapho uNkulunkulu efuna ukuphila khona nokukunika inkululeko, nobungcwele, nenjabulo. Ihlazo elinje pho! Ukudumazeka okunje kubantu baseMelika!

88 Nakini bantu bePentecostal, nePilgrim Holiness, namaNazarene, ozisho ubizo oluphakeme kunalokho: Ngiyakudabukela! Uyafa futhi ubola ekonakaleni kwakho uqobo. Akumangalisi singeke saba nemvuselelo eMelika! Akumangalisi uNkulunkulu engeke abeke iziphiwo zaKhe ebandleni! Ufanele azibeke kuphi na? Nicabanga ukuthi Ubeyobeka iziphiwo entweni enjengaleyo na? Nje akakwazanga ukukwenza. Ngethemba ukuthi niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini.

89 Sekuyisikhathi sokuhlanzwa kwendlu endlini kaNkulunkulu, yonke indlela kusukela epulpiti kuya kumlindimnyango, eyifeshini endala, ethunyelwe nguNkulunkulu, imvuselelo kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli kubuyele ebandleni, emuva ukwenza abesilisa nabesifazane, amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Aniqondi yini ukuthi lowomoya omdala ongcolile kadeveli ungena kuwe futhi ukwenza uziphathe kanjalo na?

90 Esikhathini esithile esedlule ngangingqamula iMelika, futhi ngadingeka ngithathe isigejane sezincwadi ngale etrakhini,

ngaqasha isoni ukuba silishayele, ngoba angitholanga muntu omunye. Ngenkathi ngehlela ezinkundleni, abakhulu, abehlelo, abantu bePentecostal, futhi lesisoni saphuma etrakhini futhi sasithulula amatrakhi, futhi ngezincwadi, nokunye nokunye, futhi sasibhema usikilidi. Futhi esinye sezikhulu ezinkulu eziphakeme senyukela kimi, futhi sathi, "Mfowethu Branham, ngiyamangala ngawe!"

Ngathi, "Yini indaba na?"

Sathi, "Leyondoda ibhema usikilidi, ethulule itrakhi yakho. Thina bantu bobuNgcwele, asikholelwa ekubhemeni osikilidi."

Ngathi, "Nami angikholelwa."

Sathi, "Kodwa abantu bakithi, kuyoba yisikhubekiso endleleni yabo."

Ngathi, "Bengingeke ngibe ne. . . ngingatholi muntu ukuba ashayele leyomoto, benginamatrakhi amabili, bengifanele ngishayele elilodwa mina uqobo, futhi ngiyithole ukuba ishayele elinye. Ngizoyikhulula emizuzwini embalwa, iyakwazi lokho."

Sathi, "Awu, ungaphinde ukwenze lokho," sathi, "ngoba abantu bakithi bangabantu bobungcwele."

Ngathi, "Ngiyaxolisa ukuthi ngikwenzile, mnumzane. Ukuba bengingaba nanoma ubani omunye, bengingeke ngikwenze."

91 Saphenduka futhi sahamba saya endaweni lapho kwakukhona abantu abayizinkulungwane eziningana bebuthene ndawonye, futhi sa—sathi, "Nangu umkami, ngifuna uhlangane naye, Mfowethu Branham." Futhi ngabuka, sathi, "Uzoba ngumshayi wopiyano wakho kulentambama."

92 Futhi akusikho okwamahlaya, lena akusiyo indawo yehlaya. Leyo yinkathazo yanamhlanje, sinobuningi kakhulu ubuvangeli baseHollywood, futhi kungekho okwanele kokulahlwa yicala okuyifeshini endala kweVangeli.

93 Nalowo wesifazane wama lapho egqoke ingubo empintshe kakhulu, kwakubukeka sengathi isikhumba sasingaphandle, futhi wayefake amacici amakhulukazi, nezinto kuwo wonke umlomo wakhe, nezindawo ezil'hlaza s'bhakabhaka emva kwamehlo akhe, nezinwele ezimfishane ngempela ezigundiwe, futhi zonke zisongiwe njengesiqubuqubu. Futhi wathi. . . wabuka. . . wathi, "Sawubona, Dkt. Branham?"

Ngathi, "Sawubona." Ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize, mnumzane."

Sathi, "Yebo, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Ngabe umkakho ungongcwele na?"

Sathi, "Impela!"

Ngathi, "Angiqondile ukulimaza imizwa yakho, kodwa ubukeka efana nesipoki kimi, ngendlela ami ngayo lapho kanjalo." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

94 . . .?. . .ukuzipenda ubuso, futhi efake izinto zobuqhathanzipho. Lalela nenekazi, ake ngikutshele okuthize njengomfowenu: Kwakungekho owesifazane eBhayibhelini, owapenda ubuso bakhe. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .?. . . Ngakho ningabona ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngabesifazane abapende ubuso: inyama yenja. Leyo yinyama yenja kaNkulunkulu. Bakwenzela ini na? Hhayi ukuhlangana noNkulunkulu. Lelo akusilo ihlaya, kukhiphe lokho engqondweni yakho.

95 Ukwenzela ini owesifazane na? Ini? Ukubonakala phambi kwamadoda, leyo yinto efanayo uJezebeli ayenzayo. Uyathanda ukuzwa abafana bethi, "*Whii-whi*!" lokho kubiza kwenja enkulu, noma, ukubiza kwempisi. Kunjalo. Yingoba umelusi uxegisile. Futhi ubungeke ube oyimfashini endala, umfundisi othunywe nguNkulunkulu, unohlobo oluthile oluncane lwaseHollywood lomfo othanda ukushaya isigubhu, futhi agxume phansi naphezulu, futhi ampongoloze, "*Haleluya*!" Udeveli angenza okufanayo.

96 "Ubungcwele bufanele iNkosi. Futhi uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuwe." Yilokho umBhalo owakushoyo.

97 Manje, uyabona ukuthi wenzani na? Umoya ongalungile ungene phakathi kwenu, futhi kukwenza uzame ukwenelisa lokho okubusisiwe, ukoma okungcwele uNkulunkulu akunika khona ukuba uMkhonze ngakho, uzama ukukwenelisa ngethelevishini, umsakazo, zonke izinto ezifekethisiwe zezwe, nezimonyo, nokuqhubeka. Ngikholwa ukuthi nifanele nibukeke nihlanzekile, ningacabangi ukuthi ngicabanga ukuthi benifanele nigqoke izingubo ezingcolile, ngicabanga ukuthi ufanele ubukeke ungcono kunakho konke, kodwa ube ngohloniphekile, ohlanzekile, obukeka ehloniphekile.

98 Abesifazane phandle egcekeni elingemuva befake ezabo ezijwayelekile, khona-ke lapho amadoda eza ekhaya egqoke lezozingubo ezincane ezindala obungafanele ngisho ume phambi komyeni wakho ngazo. Futhi amadoda ayangena futhi evumela okunjalo, bese-ke kuba abadikoni ebandleni, ngiyanidabukela! Akumangalisi sesingasekho.

99 Lalelani, ningakhathazeki ngeRashiya isibhaxabula, akusiyo irobini echofa i-apula elilimazayo, yisibungu emnyombweni. Ngani, ukubola kwethu uqobo yilokho okusibulalayo! Sidinga i. . .?. . . kweNkosi uNkulunkulu. Uma kuphela nizoziphathisa okwabantwana bakaNkulunkulu, Uzobavikela abaKhe uQobo. Niyazi lelo yiqiniso.

100 Manje, lokho koma okubusisiweyo, yini ekwenze kwafika na? UNkulunkulu wakwenza ngaleyondlela. Nodeveli uyajika, wayesethi, "*Lokhu* ngukuphila. *Lokhu* ngukuphila." Kodwa wemukela ukufa ngaso sonke isikhathi. Awazi ukuthi yini injabulo, uze ngempela ukhiphe lezozimpande zenyama enhliziyweni yakho bese ufaka uNkulunkulu phakathi lapho, lapho ongahlanganyela khona, futhi ukhonze uNkulunkulu, futhi uthokoze, futhi ucule eMoyeni, futhi uhambe esitaladini njengenenekazi langempela noma umnumzane ohloniphekile, indlu iphansi kokulawulwa, nabantwana bakho bonke belalela.

101 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ezansi e-Ohio, enkantolo bathi bonke abantwana babefanele bathunyelwe ekholiji; abafuni ukungafundi e-Ohio. Nabantu abangama-Amish ababathumeli abantwana babo kulezizikole eziphakeme zesimodeni. Futhi abakaze babe nakho erekhodini lawo onke ama-Amish e. . .?. . .umlando, wodaba olulodwa lobuhlongandlebe bentsha. Mabagqoke ngokwehlukile, futhi baziphathe ngokwehlukile, futhi babe yinqaba emehlweni akho, kodwa ababanga nabo—nabuhlongandlebe bentsha, kungekho nolulodwa udaba emarekhodini abo ase—aseMelika, ababathumeli kulolohlobo lwezindawo. Futhi bedlulisa umthetho ukuthi babezodingeka baye ezikoleni zabo eziphakeme namakholiji.

102 Nomama omdala nobaba wabizwa ukuba angene ngoba abayithumelanga indodana yabo. Nomahluleli wathi, "Kuphakathi kokuthi nizomthumela, noma nizodonsa iminyaka emibili ejele." NgangiseMiddletown, e-Ohio ngesikhathi okwenzeka ngaso.

Nobaba wathi, "Ngiyenqaba ukukwenza, mnumzane. Kungesikho ukwehluka, kodwa ngenxa yokuthi ngiza eMelika, ngicabanga ukuthi lena kwakuyinkululeko yenkolo," (Asisenayo intando yeningi.) "inkululeko yenkolo."

Wathi, "Kuphakathi kokuthi uzohlala emithethweni yethu, noma uzokhokha—uzokhokha inhlawulo njengoba bonke abanye beyokwenza."

Wathi, "Ngiyenqaba ukumthumela."

Wathi, "Ngiyanigweba nomama: Iminyaka emibili etilongweni lokuhlumelelisa izimilo."

103 Imbali yokugcina yentando yeningi yafiphala kuleyonkantolo! Ubaba wasukuma wayesethi, "Kuhle kakhulu, ngizoyichitha ukusindisa indodana yami. Angifuni noma yimuphi wemiculo yenu yokuzibinya nombhedo wenu."

Futhi ngenkathi eqala ukuphuma, umahluleli ongalungile wazama ukuzilungisisa ngokusho ukuthi "Khumbulani umBhalo uthi, 'Nika uKesari okukaKesari.'"

Futhi waphenduka wayesethi, "Futhi kuNkulunkulu na?"

104 Kodwa iqhakazile futhi emizuzwini embalwa nje: Lonke ibhentshi lakhe lawuyeka umsebenzi, futhi lasula ihhovisi labo. UNkulunkulu akabusiswe ngambalwa angempela, amaMelikana agqamile namanje lapho! Lifanele lenzeni iBandla na? Lithathe ukuma bese lima lapho ngaphandle kokunyakaza.

105 Kungokwani lokho koma kuwe na? Ukukhonza uNkulunkulu.

106 O, uDavide, wabhala amaHubo, isiprofetho. Wayeyindoda yangaphandle, wayeyithanda impilo yangaphandle. O, kumangalisa kanjani ukuthanda impilo yangaphandle! Ngiyikhumbula kanjani imifudlana yezintaba futhi lapho ngiyozingela, hhayi ukubulala inyamazane, ukuba nje ngibe ngedwa noNkulunkulu, ngiMbona ehamba ezihlahleni zaKhe, futhi ngiMuzwe ekubizeni kwenyamazane i-elki, nempisi, nakho konke emabhereni, nokuklwiklwiza, ukuzwa, o, konke emvelweni, izinyoni, yonke into, uNkulunkulu ukuyo yonke indawo nje.

107 Ngeliny'ilanga ngimi eRocky Mountains, ngangiphezulu le, ngangizingela enhla lapho nomfuyi wezinkomo, futhi ngi... kwakungekho muntu ngaphakathi, o, ngiqagele, amamayela angamashumi amahlanu, amamayela angamashumi amane, empeleni, ethu, indawo esondele kunazo zonke yayisemuva *le* ngemuva kweCorral Peak, e, ngale kweBerthoud Pass, amaningi, amamayela amaningi. Futhi ngangifuyile phakathi lapho kaningi, izikhathi eziningi, ngigijimisa izinkomo, kanjalonjalo, ngisho ngigibela ngiqoqa. Ngakho sasazi ngalo lonke izwe; ngiya lapho ukuyozingela. Ngakho kwaku-eli, nenyamazane i-elki yayingakehli nokho ngenkathi sisazingela, ngoba zaziphezulu le; amaqhwa ayengakafiki.

108 Futhi njengoba...Wathi, "Manje, Billy, ngizothatha u—ummango wangasenyakatho wentaba, futhi wena thatha ongaseningizimu, ummango wangasempumalanga, futhi sizohlangana cishe izinsuku ezintathu, futhi uma kwenzeka uthola inkunzi enkulu, ilengise phezulu, futhi sizoyithwala ngamahhashi okuthwala sesibuya."

Ngathi, "Kulungile, Jeff."

109 Saqala ukusuka, sihlangana nje ngosuku oluthile. Ngangikade ngi...ngosuku lwesibili, ngangiphezulu le ngoba ngangibone imizila emincane yezinyamazane ama-elki, futhi zaziphezulu le okwamanje. Futhi ekwindla, emva kwesikhathi, leziziphepho ziyafika kanye nemvula, khona-ke lizokhithika, futhi khona-ke lizoba, ilanga lizofika futhi lomise, futhi libe nesiphepho. Futhi nakho kufika okukhulu, ukuvunguza okuzumayo komoya kwakwehla nesiphepho kanye nemvula, ngase ngifika emva kwesihlahla, futhi ngangimi emva kwesihlahla umzuzu nje, nesiphepho sadlula, futhi o,

savunguza. Futhi kwakuyiso, kwakukhona okupheshulwe ngumoya okudala lapho. Futhi emva kokuba isiphepho sesidlulile, kwakupholile ngenkathi lisana, futhi amaqhwa ayelenga yonke indawo e—esihlahleni esihlala siluhlaza, niyazi ukuthi kuba kanjani, futhi—futhi ngaleyonkathi nje ilanga elikhulu liqala ukushona emifantwini entshonalanga, futhi okukhulu, njengeso likaNkulunkulu kwaqala ukulunguza, nothingo lwenkosazana labumbeka phezu kwesigodi. Ngathi, "O Nkulunkulu, kuhle ukuba lapha!"

110 Ngaleyonkathi nje ngezwa inkunzi endala yenyamazane i-elki ikhala, nomhlambi wayiphendula, umhlambi wehlukene ngesikhathi sesiphepho. Umama wami uyiNdiya ingxenye eliphuma ezabelweni. Kwase kuthi-ke lokho kwaqala ukubiza, "Utwa," uDavide wathi, "lubizana notwa." Impisi endala empunga yakhala, umata wayiphendula ezansi esigodini. O he, into ethize yabeka umoya wami ukuba udazuluke. Ngajabula kakhulu, ngathi, "Nkulunkulu, kuhle kakhulu ukuba lapha." Ngabeka isibhamu sami esikhulu phansi, futhi ngazungeza ngazungeza isihlahla ngahamba, ngimemeza ngamandla ami onke, nginyakazisa izandla zami. Ukuba omunye ubengangena emahlathini, bebeyocabanga ukuthi bekukhona uhlanya phandle lapho. Ngangingenandaba, ngangikhonza iNkosi, nginesikhathi esimnandi nje.

111 Emva kwesikhashana, ngaqaphela ingwejeje endadlana yeshoba, umfo omncane othi akabe mude *kangako*, into eqophisanayo kunazo zonke emahlathini. Yagxumela esiqwini yase iqala, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!" sengathi yayizongisika ngibe yizicucu.

112 Ngathi, "Ungaxhuxhumi kakhulu, mfo omncane, bengingeke ngikulimaze. Ngabe ngikwenze wesaba na? Ngikhonza uNkulunkulu owakudalayo. Bhekisisa lokhu!" Futhi ngazungeza, ngazungeza, ngazungeza isihlahla, ngahamba futhi. Ngathi, "Ubufanele wenze lokho."

113 Futhi ngamqaphela umfo omncane, amehlo akhe aqhunsuka cishe impela esihlathini sakhe, wayengangibhekile, wayelokhu etshekisa ikhanda lakhe elincane, ebuka phansi *kanjalo*. Nesiphepho sasiphoqe ukhozi olukhulu ezansi phakathi lapho, yilokho ayekwesaba.

114 Ukhozi olukhulu lwagxumela egatsheni, ngase ngicabanga, "Manje, Nkulunkulu, Ungimiseleni ukuba ngimemeze na? Manje, Ulubekeleni lolokhozi phandle lapho phambi kwami na? Ngani na? Ngilapha ngikhonza Wena. Ngiyazi Ukuyo yonke indawo, kodwa Ubuyoba kulolokhozi na?" Futhi kwenzeka ngaluqaphela lolokhozi, lwalungangesabi. Ngase ngithi, "Uyangesaba na?" Futhi lawo amakhulukazi, amehlo asagolide angibuka, lwalungangesabi. Ngase ngithi, "O,

ngibona uNkulunkulu kulolokhozi," ngathi, "ngoba alwesabi, uNkulunkulu akesabi."

115 Uyesaba, "Uma ngemukela ukuphulukiswa kwami, angikwazi ukubambelela. Uma nginika uKristu inhliziyo yami, ngiyesaba ukuthi ukhona ozongihleka." Manje, awukabi sesimweni okwamanje, awukakafi ngokwanele okwamanje.

116 Ngakho lolukhozi lwalungesabi. Ngacabanga, "Kungani ungesabi na?" Ngaluqaphela luzwa amaphiko alo, niyazi ukuthi zizithintitha kanjani izimpaphe zazo. Ngacabanga, "O, yilokho-ke. Ngiyabona, uNkulunkulu ukunike amaphiko amabili."

117 Futhi uma uNkulunkulu anikeza lolokhozi amaphiko amabili, futhi lwalwazi ukuthi lwalungaba kuleyomithi yamapulangwe ngaphambi kokuba ngithole isibhamu esikhulu esandleni sami, uma belingethemba amaphiko alo kanjalo, belifanele lenzeni ibandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Inqobo nje uma ungaMuzwa ngakuwe, wazi ukuthi Ukhona, wesabani na? Uyesaba ukuthi ubasi wakho uzothi, "Uphile kanjani na?"

"O, a, *ahe*!"

Ungesabi, uthi, "INkosi uNkulunkulu ingiphulukisile!" Ungesabi.

118 Futhi ngaqaphela laba. . . Ngathi, "Uyazi ngingakudubula na?" Ngase ngidumela isibhamu sami esikhulu, lwabhekisisa, lwaphinde lwangibuka. Ngaqaphela lwalungangesabi, kodwa lwase lukhathele yileyo ngwejeje endadlana yomhlabathi, ihlezi lapho, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! *Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!" konke nje ukuqophisana. Ngakho lwakhathala lwadinwa yiyo, lwavele nje lwagxuma kakhulu. Lwabhakuza cishe kabili, futhi lwathi ngqu lwaphuma emthini yamapulangwe, futhi khona-ke ngakhala izinyembezi. Lwavele nje lwathatha amaphiko alo amakhulu lwase luwendlala *kanje*, alubange lusawabhakuzisa amaphiko alo, lwalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo. Futhi njalo lapho umoya ukhuphuka, lwalugibela kuwo, lugibele kuwo, lwaze lwaba yichashaza elincane nje.

119 Ngama ngabuka, nezinyembezi zehla ezihlathini zami, ngathi, "O Nkulunkulu, yilokho-ke! Yilokho Obufuna ngime lapha, futhi wangithumelela lesosiphepho, yilowo umqondo: Yazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko akho emandleni kaNkulunkulu, amaphiko akho okukholwa, futhi lapho uMoya oNgcwele ugingqika ungena, gibela phezulu kuWo. Qhubeka nje uhambe, usuke kulotshweke, tshweke omdadlana wengwejeje yesihlahla, uthi, "Izinsuku zesimangaliso selwedlule, futhi ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Kugibele! UNkulunkulu ufuna ukugcwalisa leyonhliziyo.

120 UDavide wathi, "Njengendluzele yomele umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena O Nkulunkulu." Lalelisisani,

ngiyavala, uDavide wayesezintabeni, futhi wayekade engumuntu wasemahlathini, umzingeli, wayazi ngenyamazane idiye. Ngizibonile izikhathi eziningi, ezansi eLouisiana, ba—bazizingela ngezinja. Ngale e-Afrika kunenja yasendle. Futhi kuxakile kakhulu, futhi noma yimuphi umzingeli wezinyamazane amadiye lapha uyazi, uma ulimaza inyamazane idiye, uyilimaze, futhi uma ingafika emanzini, ulahlekelwe yiyo, inqobo nje uma ingathola amanzi, ingaphila.

121 Kodwa, o, uma izinja ziyolimaza umfo omncane! Ubona—ubona lezozinyamazane amadiye zimile, nenja ineqhinga, noma impisi, nayo, futhi ithi shelele kalula ngempela. Manje, isu layo: inamazinyo amabili egazi khona *lapha* ngaphakathi emlonyeni wayo, futhi idumela inyamazane idiye emva kwendlebe nje lapho umthambo omkhulu wegazi unqamula khona, icwilisa lawomazinyo phakathi, inkentshane ikoyote, impisi, inja yasendle, futhi lapho ikwenza, iziphonsa yona, lapho yenza lokho, ngizibonile zinqamula ziqonda emphinjeni, amankentshane amakoyote. Futhi u—iyanyonyoba, awazi ukuthi ikuphi, futhi idumela inyamazane idiye futhi ishwiba isisindo sayo, inquma umthambo omkhulu wegazi, nenyamazane idiye encane yenza amaconsi ambalwa, futhi ayisekho, khona-ke isimbozwe yizinja, namakoyote eyidla, edonsa isikhumba nenyama emathanjeni ayo ngqo.

122 Kuyiqiniso kanjani lokho kulobubusuku, ngabaningi abancane, umKristu ongenacala! Nina mantombazanyana, ukuthi lo-Elvis Presley omdala, umculo wokuzibinya, noPat Boone, nento ka-Arthur Godfrey, udeveli ukuba alenge... ufaka leyonto ebusweni bakho ukuba uhole abafana ukuba banikeze lokho (Leyo yizimpisi, yilokho abayikho, lelo yiqiniso.), ukushaya lelokhweza, uzigqokisa ngezingubo ezincane kanjalo, futhi uthi... ukhombise lowomzimba wakho omncane.

123 O, s'thandwa esithandekayo, nginamantombazanyana amabili ekhaya, futhi. Nkulunkulu yiba nomusa mntwana! Awuqondi, s'thandwa, ukuthi lolo wugibe lukadeveli. Ungalokothi uzigqokise ukuze indoda izokubuka kanjalo. Zigcinele owakho omncane, umyeni oyisithandwa ozayo ngolunye usuku, uNkulunkulu uzokunika khona. Futhi lapho izimpisi zesihogo ziphumile zikulandela, futhi uyaziyenga, ngolunye usuku umthambo omkhulu wegazi uyonqunywa, uyobe usuhambile, khona-ke uyokhubeka izikhathi ezithi azibe mbili, usuhambile.

124 Ongenacala! "O, umculo wokuzibinya omncane nje ngeke ulimaze lutho." Futhi ngiqaphelile ukuthi iYMCA yethu iyakufundisa. Ubizelwani lowo *C* phakathi lapho, ngu*Kristu* noma *Isiqalekiso* na? Kuyihlazo. Ayisekho, sonke isizwe singcolisiwe, kubole kwaze kwayofika emnyombweni, ngoba ibandla lixegisile, bekufanele kube ngumgomo.

125 Inyamazane idiye, inja inelinye isu lokudumela inyamazane idiye, uma igeja indlebe yayo, iyoyidumela eceleni. Ingemuva lenyamazane idiye lisinda kakhulu kunengaphambili, futhi uma ingayibamba ngqo ezinhlangothini ngalawo mazinyo, futhi ithathe ukuluma okukhulu enyamazaneni idiye, uma ingesiyo inyamazane idiye ehlakaniphile, izokwenza, inja izokwenza, maphakathi nayo, noma, impisi izophonsa inyamazane idiye emhlabathini uma igeja *le*ngxenye, izoyibamba ohlangothini. Kodwa uma inyamazane idiye ihlakaniphe ngempela, futhi igxuma ngokushesha, ayikwazi ukugxuma kancane, ifanele igxume ngokushesha, futhi uma inyamazane encane idiye izoshesha, iphendukele eceleni, i—inja izokhipha umthamo wonke, bese kuthi-ke uma inyamazane idiye ishesha futhi inejubane, izosuka.

126 Lalela, dadewethu othandekayo, uma ukulolonqenqema ngqo, nodeveli ukuhudulile, gxuma ngokushesha! Ungalindi kuze kube yimvuselelo elandelayo, gxuma manje! Uma ube nosuku lwakho lomculo wokuzibinya lokuqala, ungaphinde uhambe futhi, gxuma usuke kulo ngokukhulu ukushesha ongakwenza! Uma ubugqoka njengoba ubungafanele, gqoka ngokuhloniphekile, uziphathise okwenenekazi, umKristu, izinja ezinkulu zasesihogweni zigabavula emva kwakho.

127 Khona-ke lapho isibanjiwe, umfo omncane agijime ngamandla akhe onke, igazi liyagobhoza, mbhekisiseni, uzofanele athole amanzi, zisemva kwakhe ngqo, ufanele athole amanzi, uma engawatholi amanzi, akasekho, makathole amanzi futhi uzophila, kodwa ufanele afike emanzini ngokukhulu ukushesha. Futhi uma engedlula emfudlaneni, nina bazingeli niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, uyophuza, agijime aye ngale kwegquma, azihlumelelise, uzokwehla, aphuze futhi, ahole izinja ngenye indlela noma enye, umzingeli, noma yimuphi, emuva naphambili ngaphesheya kwalowomfula, angaphila.

128 Kodwa cabanga ngoDavide, ngenkathi ethi, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, kanjalo umphefumulo wami womela wena, O Nkulunkulu." Uma leyonyamazane idiye ingafinyeleli emanzini, ifile. Futhi uma ungeke ufinyelele kuKristu, hhayi ibandla . . . Udeveli uzama ukufaka into engamanga kuwe lapho, uzama ukukwenza wenelise lokho koma okukhulu kuwe, ngokuthi, "Ya, ngajoyina ibandla." Lokho nje kufana nokuthi, kucishe impela kube kubi njengokwenza enye into. Uzama ukuthi, "O, ngiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal. NgiyiKatolika. NgiyiBaptisti." Lokho akuthi shu kuNkulunkulu, ungaba yinoma yiliphi ilunga lebandla futhi uye esihogweni njengemartini ebhokisini layo.

129 UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, akasoze angena."

130 "Awu, ngikhokha okweshumi kwami. Ngenza *lokhu*."

Lokho kulungile, mfowethu othandekayo.

131 "Awu, ngiyakutshela, ibandla lethu lineminikelo yobuthunywa benkolo emikhulu kunayo yonke ezweni."

Lokho kuhle kakhulu.

132 "Sinebandla elithandeka kunawo onke elikhona edolobheni, amalungu amaningi."

133 Lokho kuhle, kodwa lokho akuhlangene ngalutho nensindiso, akukho neyodwa into nhlobo. UNkulunkulu akakuqondi ngisho. "Uma umuntu engazalwa ngokusha ngoMoya, nangamanzi, akasoze angena."

134 Ubuhlakani ngeke busize, kuzofanele kwehlele *lapha* ekuzalweni. Joyina ibandla kakhulu njengoba ufuna, amahle, amabandla angcwele, lokho kusalokhu kungahlangene ngalutho nakho. Ubhaphathizwe ubheke phambili, emuva, uthelwe, ufafazwe, ngeke. . . wehla nje uyisoni esomile bese ukhuphuka ungesimanzi, akwenzi neyodwa into kuwe kodwa kuyakungcolisa, ungumntwana wesihogo ngokuphindwe kabili kunangenkathi uqala.

135 Umuntu olusizi kakhulu ezweni, ngumuntu ozama ukulingisa ubuKristu, elusizi. Ukuphilela uKristu kuyinjabulo! Ngamaphiko abandizela phezu kwakho, nomphefumulo wakho uqala ukoma njengenyamazane idiye. "O, uma ngingenakuKuthola, ngizofa!" UzoKuthola. Uma womela uNkulunkulu kanjalo, uzoMthola.

136 "O, umphefumulo wami ulangazelela Wena ezweni elomile elingenamanzi lapho kungekho khona amanzi. Ngilangazelela ukubona amandla aKho njengoba ngiwabonile endaweni yaKho engcwele." Ngabe umphefumulo wakho womile kanjalo kulobubusuku na? "Nkosi Jesu, woza kithi, sibusise, senzele njengoba Wabenzela ngezinsuku zasekuqaleni, thatha izwe kimi, futhi mangikhonze Wena." Ngabe umphefumulo wakho womile kanjalo na? Ngokushesha, kuzoba nesiphethu esiqubukayo ngaphakathi kuwe, uzophila.

137 "Mfowethu Branham," wena uthi, "Ngilunge njengabo bonke abanye. Angidingi ukwenza lezizinto."

138 Uyafa futhi awukwazi. "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu." Ufanele athole amanzi kungenjalo ufile; sifanele sithole uNkulunkulu kungenjalo uyafa. "Ngifanele ngibone, Nkosi, kungenjalo ngizobhubha." O, siMdinga kanjani kulobubusuku kweyifeshini endala, imvuselelo ethunyelwe nguNkulunkulu lapho abesilisa nabesifazane belungisana ngempela noNkulunkulu!

Asikhuleke.

139 Nkulunkulu othandekayo, lona omncane, ophukile, umlayezo wensindiso lapha kulobubusuku, kodwa ngithemba

ukuthi aliyikubuya-ze, Owakwethembisa, Wathi, "Kuyofeza lokho okwakuhloselwe khona." Futhi Wena wazi konke, Baba, ngakho Wena uyazi ukuthi bekuhloselwe ukuzama ukusindisa ibandla, nabantu, kungesikho ukwehluka, kumbe noma yini, kodwa ukuba, ukubuyisela ibandla enhlanganyelweni naWe.

140 Sizokhuleka ukuthi Uzosipha khona kulobubusuku, Nkosi. Makuthi lemiphefumulo eyomile iqale ukubheka futhi izibuze manje, mabahlole, bathi, "O Nkulunkulu!" size sibuye futhi. Ake umshumayeli ashiye ezakhe ezincane, izimfundiso ezincanyana futhi abuye futhi alethe ibandla kuKristu futhi, akunandaba noma eyiBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, noma angaba yini. Makuthi amalunga omele Wena, Nkosi, futhi nje afanele abe naWe, khona-ke:

Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Lapho izoni zabhukuda khona ngaphansi kwethantala,
Kusuke onke amabala azo esono.

Isela elifayo lajabula ukubona
LowoMthombo ngosuku lwalo;
Makuthi lapho mina, nakuba ngimubi njengaye,
Hlanza zonke izono zami.

141 Kwangathi lokho kungaba ukoma kwalaba besifazane abasebasha nabesifazane abadala, izinsizwa namakhehla. Siphe khona, Nkosi, dala kubo ukoma kulobubusuku, ukomela Wena. Mabazi ukuthi ngisho nalento yezwe aba—abazama ukuzenelisa, "O, ngiyasonta, akulimazi ukwenza *lokhu* noma *lokho*." O Nkulunkulu, bavuse ukuba bazi ukuthi uSathane wenza lokho, nalokho koma abanakho okwesikhathi esimnandi, kanjalonjalo, kwafakwa kubo ukuba baKukhonze, nokuba nezibusiso zaKho, nokujabulela inhlanganyelo yaKho, hhayi inhlanganyelo yezwe, kodwa inhlanganyelo kaKristu. Siphe khona, Nkosi. Siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

142 Nisekhona, umzuzwana nje. Manje, kusasa bazonikeza amakhadi omkhuleko okukuphulukiswa, kusasa ebusuku. Kulobubusuku, bekuyi. . . Ngifuna ukwenza ukubizela e-altare umzuzu nje. Ngakho, bangaki olapha okokuqala, ozwile ngomhlangano, nokuthi iNkosi iyinikeza kanjani imibono, kodwa awukaze ube kowodwa na? Ake sibone izandla zenu. Ngabe bakhona abaningi lapha na? O, yonke ingxenye engaphambili yakho lapha igcwele bona, kulungile, abaqala ukufika.

143 Nikuzwile lokho ukuthi iNkosi yethu uJesu yasho kanjani ukuthi Ayenzanga lutho uBaba aze aYikhombise ngombono ukuthi ayenzeni. Niyakukhumbula lokho na? Nikufundile lokho eBhayibhelini na? Kodwa uJesu, uma Ubeyobonakala

namhlanje, Ubeyokwenza okufanayo Akwenza emuva lapho na? Bekuyokwenza umphefumulo wakho womele Yena uma ubungaMbona emi lapha kulesisakhiwo, phakathi kwethu sonke, futhi akwenze futhi enze izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni na? Beningabonga ngalokho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "O, kuyodala okunye ukoma." Izibusiso zibe phezu kwakho.

144 Manje, angi. . .Ngifuna nje ukukhuleka futhi ngicele iNkosi, kusukela khona lapha, hhayi ukunikhuphulela lapha . . . Ngizizwa ngiholeleka ngempela njengoba ngibuka phansi lapha, futhi ngibona lesosithombe lapha naleyoNsika yoMlilo kuso, eyahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane, futhi bazi . . . Ngabuka phandle lapha, futhi ngiyaYibona ilenga phezu kwezethameli ngqo, ngakho mina, noma ngabe sinamakhadi omkhuleko noma qha, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna ukwenza into ethize lapha nina miphefumulo eyomile enizoyomela.

145 Manje, nina phandle lapho ogulayo nohluphekile, iBhayibheli lasho ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Bonke abaziyo ukuthi imiBhalo isho lokho, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngenkathi Waye. . .IBhayibheli lathi kumaHeberu 13:8, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngabe kunjalo na? Kwase kuthi-ke ngenkathi Elapha emhlabeni, owesifazane wayegula ngesinye isikhathi enomopho. Ngakho amadoda onke ayeminyene nxazonke, futhi eMmbambatha ehlombe, futhi ayeMbusisa, kanjalonjalo, futhi, "Sawubona, Mfundisi ohloniphekile?" Futhi, "Siyajabula ukuhlangana naWe. Siyabonga ukuthi Ulapha kulomkhankaso," futhi niyazi kanjalo, futhi eqhubeka njengoba amadoda nabantu benza.

146 Kodwa kwakukhona owesifazane omncane, wayenomopho, nodokotela abamsizanga ngalutho, ngakho wathi nyelele wadabula esixukwini, wayesethi, "O, UyiNdodana kaNkulunkulu! Uma ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda." Futhi wathinta ingubo yaKhe, wabuyela emuva waphuma.

147 UJesu wama, wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Lowo kwakunguJesu izolo, bekungesuye na? Ngomuzwa wobuthakathaka.

Futhi uPetru wathi, "Ngani, Nkosi," wakhuza iNkosi, futhi wathi, "awu, bonke bayaKuthinta. Usholoni ukuthi, 'Ubani oNgithintile na?'"

Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi, amandla okuqina."

148 Futhi Waqalaza phezu kwezethameli, mhlampe, mhlawumbe usayizi walokhu kulobubusuku, mhlawumbe omkhudlwana, mhlawumbe omncane, waqalaza, futhi Wathola lowomuntu owaMthintayo, futhi Wamtshela ukuthi ubuthakathaka bakhe

babuyini, ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na?

149 Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Wathi, "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. NgingumVini, nina ningamagatsha." Amagatsha lithela isithelo somvini.

150 Manje UseBandleni laKhe, esebenza. Angazi noma—noma kukhona lolohlobo lokukholwa kulobubusuku, kulezizethameli, ongathinta ingubo yaKhe ngenkathi ngizinikela kuYe kanye nawe, ukuthi Uzobuya ehle ngesimo sikaMoya oNgcwele futhi enze into efanayo lapha kulomsamo kulobubusuku. Wena phandle lapho ongenalo ikhadi lakho lomkhuleko, lesisixuku esisha phakathi lapha, uma Ubeyo . . . UyaMbona . . . ? . . . ikhadi. Kodwa manje, uma Ehla futhi, kulobubusuku, futhi enze lokho emsamo lapha, futhi enze into efanayo Ayenza ngenkathi Elapha enyameni, ubungakholwa ukuthi WayeseBandleni laKhe ngaleyonkathi, esebenza na? Ubungakukholwa lokho, onguye izolo na?

151 Asikhuleke futhi. Manje, soni, hlonipha ngokuzithoba ngempela.

152 Nkosi Nkulunkulu, ngethemba ukuthi Uzokwenza lokhu, angazi, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza, ngenxa yombono omncane esikhashaneni nje esedlule, siphe Nkosi, ukuthi kuzoba njalo. EGameni likaKristu, ngizinikela kuWe, futhi ngicela ukuthi uMoya oNgcwele uzongena ezinhliziyweni zabantu. Kwangathi iziNgelosi zingathatha izikhundla zazo eceleni kwalababantu abagulayo, futhi eceleni kongakholwayo, isoni, futhi zibazise ukuthi Ulapha, nalokho koma akade belangazelela ukukubona, siphe Nkosi, ukuthi Uzobe umi ngakubo ngqo.

153 Abanye babo balapha bomele ukuphulukiswa, Wena ungamanzi okuPhila. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza ngendlela efanayo, ngoMzimba waKho ofihlakele lapha, iBandla, Owakwenza ngenkathi Ulapha emzimbeni waKho wenyama esimweni, eGameni elithiwa uJesu. Siphe khona, Baba. NgeGama likaJesu. Amen.

154 Ngicela inhlonipho yokuzithoba, futhi manje hloniphani ngokuzithoba ngempela nje.

155 Wonke umuntu phakathi lapha, ngokwazi kwami, uyisihambi kimi, ngaphandle kwendodana yami, noMnu. Vayle, noMnu. Goad khona lapha, abanye angibazi. Kubukeka sengathi bengifanele ngiyazi lendoda ehlezi khona lapha. Ngiyakwazi, mnumzane na? Ngi . . . Ubuso bakho bubukeka bujwayelekile kimi, kodwa a—angisalikhumbuli igama lakho, kodwa yilowo kuphela engimaziyo.

156 Manje, asihloniphe ngokuzithoba ngempela, futhi nje sibheke eNkosini uJesu, futhi sithi, "Manje, Nkosi," wena

phandle lapho, wena ogulayo, wena yithi, "Nkosi Jesu, umuntu ungitshele ukuthi uma somile, ngani, UbunguYe o—ozosinika, ukwanelisa lokhu koma esinakho. Wasitshela ukuthi Wavuswa kwabafileyo, futhi Uyafana ngaso sonke isikhathi. Manje, ngifundile eBhayibhelini lapho owesifazane athinta ingubo yaKho, futhi Wayazi inkathazo yakhe, njengoba nje Ubungabatshela, uFiliphu lapho ayekhona, noPetru ukuthi igama likayise lalingubani, nazo zonke lezozinto eBhayibhelini.

157 "Futhi a—abaFarisi baKubiza ngodeveli, bathi Wawungumfundi wengqondo noma u—uBelzabule, ongudeveli, kodwa labobantu lesosimangaliso esenziwa kubo bazi ukuthi WawuyiNdodana kaNkulunkulu. Watshela owesifazane emthonjeni, lapho izono zakhe zazikhona, futhi wagijimela emzini, wathi, 'Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona impela uKristu na?' Manje, Nkosi, uma Uhlala ufana . . . Wusuku olumnyama, abanye abantu bathi, 'IMethodisti iqinisile. IBaptisti iqinisile. ILuthela iqinisile. IPentecost iqinisile,' Nkulunkulu, yini eqinisile na?"

158 UJesu uqinisile, futhi ngikholwa ukuthi Ukuwo onke amabandla enu. Impela Unjalo, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, kodwa Uyakuthanda. Akwenzi mehluko ukuthi ungowaliphi ibandla, Mbuke nje manje, futhi uthi, "Nkosi, ngiyakholwa." Kwangathi Angapha.

159 Manje, sisesemkhulekweni, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba nje, kodwa uma nikhuleka, futhi ningizwe ngibiza, bhekani phezulu. Niyabo? Ngoba ngifanele ngikhulume ngokushesha.

160 Nasi isithombe, banitshelile ngaso. UGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, imilobo yeminwe nencwadi, wathatha isithombe seNgelosi kaNkulunkulu, iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli . . . Futhi bonke bayazi ukuthi leyoNsika yoMlilo kwakunguJesu Kristu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Futhi emva kokuba Esebuyele emuva, uPawulu wahlangana naYe endleleni eya eDamaseku, ukuKhanya, iNsika yoMlilo futhi, yakhipha amehlo akhe. UPetru etilongweni, iNsika yoMlilo iyangena futhi yamkhipha. Nangu Ukhona namhlanje, ebonakala ekupheleni konyaka wabeZizwe, uJesu ofanayo. Unyaka wesayense esiphila kuwo, Ubonakale ezweni lesayense, bangeke bathi kuyiphutha, kuhlole.

161 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela nje. Manje asikhuleke. Ngamunye manje onokugula, khulekani. Manje, nguwe ofanele uMthinte. Ngivele nginikel- . . . Angisakwazi, ngingakwazi, bengingeke ngazi lutho ngawe, kuna*le*nto engakhuluma ngaphandle kwento ethize emva kwaYo ukuba

ikhulume, ithule. Khulekani nje. Manje, anginalwazi, kodwa wethembisa ukuthi uyoMkholwa.

162 Manje, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona ngenxa yenkazimulo yaKho.

163 Emoyeni wokukhonza nje, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngi—ngidinga kakhulu, mangiKuthinte." Ungashaywa wuvalo, yilapho othola khona ukuhayiza futhi usuke kuYe, Ukanye nawe ngqo.

164 Manje, manje ungaliphakamisa ikhanda lakho umzuzwana nje. UkuKhanya kukaMoya oNgcwele, ukuthi kulokhu, kinina bososayense, izinga, kinina maKristu, lesisimo sendawo sikaMoya oNgcwele ongithathayo manje, ubungeke ukufihle ukuphila kwakho uma ubufanele; angikwazi ukuphulukisa, uNkulunkulu usevele ukwenzile lokho. Kodwa Kulenga phezu kowesifazane oyikhaladi, ehlezi khona lapha, nebhola elincane esigqokweni sakhe.

165 Ukhulekela into ethize, awunjalo yini, anti, owesifazane oyikhaladi na? Yebo, E-hhe. Uhluphekile noma kukhona okungalungile ngawe. Awuna. . . Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awulidingi. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela lapha, anti, ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, ngikutshela iqiniso eliphuma eBhayibhelini na? Uzokwenza na? Uyakholwa. INkosi ikubusise, dadewethu, yingalesosizathu Kulenga phezu kwakho.

166 Manje umzuzwana nje, Kuyehla, Nakho. Kulungile. Owesifazane uphethwe yisifo samathambo, lesosifo samathambo sisemgogodleni wakhe, kanti futhi udale kuleso esangempela, isimo sokwethuka okwedlulele. Kunjalo impela, inenekazi eliyikhaladi lihlezi lapho nebhola elincane esigqokweni salo. Uma lokho kunjalo, nenekazi, yebo, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Ngikhuluma nenenekazi eliyikhaladi, emuva lapho, nenekazi. Kulungile. Lokho kuyakwenza. Awunakho lokho manje, sekusukile kuwe.

167 Angazi ukuthi kungani umusa kaNkulunkulu, nonke nina bantu abamhlophe. . . Kade ngikhuluma nje ngabantu abangamakhaladi futhi ngisho ukuthi babesindiswe kanjani, uNkulunkulu uyabathanda. Lowo ompofu, owesifazane omncane lapho angahle abe nemfundo encane kunanoma ubani ohlezi lapha, kodwa uyamazi uNkulunkulu.

168 Kwenzeka ukuthi, ngokuthi iNkosi imbusisile, kukhona inenekazi eliyikhaladi elihlezi eduze kwakhe ngqo lapho. Kubukeka sengathi, ukuthi lapho. . . Kuyabumbeka ngakulo. Limemezile emizuzwaneni embalwa nje edlule. Angikwazi wena, ngiyakwazi yini, nenekazi na? Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, ukuthi uphethwe yini, ngabe uzo. . . uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha,

ungeke na? Uphethwe ukucinana kwamankanka. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba manje. UNkulunkulu akubusise.

169 Wena ophakamise isandla sakho lapho, elinye inenekazi eliyikhaladi, elihlezi lapho uvayizelisa isandla sakho, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Owesifazane osemusha, uyangikholwa na? Angikwazi, ngiyakwazi yini, dadewethu na? Angikaze ngikubone empilweni yami. Uyangikholwa encekwini kaKristu, futhi Akusimina na? Lolu udaba njengoJesu ekhuluma nowesifazane emthonjeni, wayengumSamariya, Yena wayengumJuda; ungowesifazane waseTopiya, futhi ngingum-Anglo-Saxon. Okubili okwehlukile. . . NguMoya ofanayo. Manje, uKristu, owesifazane waMkholwa. Manje, uJesu wayengazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, kodwa ngenkathi Ethola inkathazo yakhe, Wamtshela inkathazo yakhe, waya emzini, wayesethi, "Leyo yiNdodana kaNkulunkulu; Lowo nguMesiya."

170 Uma Ubeyokutshela into efanayo, esebenza ngawe nami manje, njengoba kuphelele, izinhlanga ezimbili ezehlukene zabantu, okokuqala ngqa ukuba zihlangane. . . Kodwa uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo awunjalo, nenekazi na? Umuzwa omnandi ngempela othobekile ngakuwe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, elincane, inenekazi eliyikhaladi elinetshali eliphinki. Uphethwe yinkathazo yenhliziyo nesimila. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. UJesu Kristu ukuphulukisile.

171 "Uma ukholwa!"

172 Abanye benu bantu abamhlophe kholwani, nina zifiki phakathi lapha. Futhi nje. . . O, akunjalo. . . ? Ufanele ube semoyeni wangempela wokukhonza, siseBukhoneni bukaJesu. Ngiyacela, bangane, uma nike nikholwe, njengomfowenu, makuthi mina neBhayibheli lami enhliziyweni yami, kholwani khona manje. Beka eceleni nje isayense yakho yezenkolo, uthi nje, "Nkosi Jesu, ngiyaqonda ukuthi kukhona Into ethize lapha, kufanele kube khona."

173 Lapha, nakhu khona ngqo phezu kwendoda encane emi khona lapha, khona impela ekupheleni komugqa, iphethwe yinkathazo yesikhumba, umfo omncane lapho. Uyakholelwa kuNkulunkulu na? Kunjalo, akunjalo, mnumzane na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Angikwazi, ngiyakwazi na? Kulungile, uzodlula kukho manje, ungakhathazeki. Izibusiso zikaNkulunkulu ziphezu kwakho, lapho bekumnyama, sekuphenduke ukukhanya.

174 Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Niyakholwa na? Nonke niyakholwa na?

175 Nansi i. . . Manje lapha, mngane, thola lababantu, laba abaqala ukufika, uma singaphumelela, khona phakathi lapha,

lapho bonke bebebambe izandla zabo...Noma yikuphi, ngifanele nje, noma yikuphi lapho Ebiza khona, yilapho engizodingeka ngiphendule khona.

176 Lapha, inenekazi elincane elihlezi khona lapha, lingibuka ngqo, emgqeni wesibili. Yebo. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ibiyokuphulukisa na? Ubugula, ubungenjalo na? Uyagula. Futhi ubuhlezi lapho, enhliziyweni yakho ukhuleka, "Nkulunkulu, makakhulume kimi kulobubusuku, ngiyaKukholwa, Nkosi." Manje, uma lokho kuyiqiniso, phakamisa isandla sakho. Inenekazi, bekuyilo lelo, yebo. Ngiyabonga. Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi Ufuna ukukusindisa na? Ngiyakubona uvuka uthi ukunensa embhedeni wasekuseni, unofehlane. Kunjalo. Manje ngifuna ukukubuza okuthize, ngobuqotho: Awu—awukuzwa manje, uyakuzwa na? Qhabo. INkosi ikuphulukisile. Kunjalo.

177 Elinye inenekazi elihlezi eduze kwakho lapho, liyagula, nalo, inenekazi elincane elikhothamise ikhanda lalo, likhuleka. Uyakhuleka, "Nkosi, makube yimi olandelayo." Kunjalo na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ohlezi eduze kwenenekazi elincane lapho, elisanda kubizwa nje. Ungathanda ukuhamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa futhi ujabulele ukudla okumnandi futhi na? Uphethwe yinkathazo yesisu, awunjalo na? Kunjalo. Yisimo ekugayekeni enanzini, esibangelwa nguku—ukucabanga okujulile, unqamula amabhuloho ngaphambi kokuba ufike kukho, nezinto ezinjalo; yi, kufana kakhulu nokwethuka kwengqondo, awunakho ukwethuka okuqhaqhazelayo, kodwa nje u—nje u, uthola ukucabanga okujulile, ubungafanele ukwenze lokho, jabula. Manje inkathazo yakho yesisu isihambile futhi ungaya ekhaya ususindile.

178 Ucabangani, inenekazi eselikhulile elihlezi eduze kwalo, liqalaza lapho likhuleka na? UkuKhanya kuhambe phezu kwakho ngqo, nembali encane ebhantshini lakho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na?

179 Ngiyacela, ngiyacela, ungasukumi! Yilokho okukwenzayo, mngani. Ngiyakubona uphanga abantu ngokuphulukiswa kwabo. Ngiyacela, ngiyacela, hloniphani ngokuzithoba, umzuzwana nje. Niyabo, ungumphefumulo, futhi lapho unyakaza, kunyakazisa uMoya.

180 Wena uthi, "Mfowethu Branham, isayense ephathelene nengqondo."

181 Kuthiwani-ke ngoJesu khona-ke ngenkathi Ebakhipha bonke endlini, indlu kaJayiru, ngenkathi Engena ukuyovusa indodakazi na? Hloniphani ngokuzithoba! Yibani nezinhlonipho okungenani ngababulayo, izinhlonipho ngoJesu.

182 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi. Manje ake sibone, bekuyini na? Bekungumbono ubhoboka, kodwa angazi ukuthi ubuyini. Qhubeka nje ukhuleka. Kubonakala sengathi bengisezansi ngqo lapha ngaphambili, ndawondawo. UNkulunkulu, impela, ngomusa waKhe uyokwenza futhi. BeKukuphi na? Beku…Kungukuthi, naKhu sekubuyile. Yinenekazi elinembali ebhantshini lalo, bekuyilelo-ke. Linesibhono. Kunjalo, akunjalo, dadewethu na? Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Uyamkholwa uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwakho na? Ungangenzela umusa na? Beka isandla sakho phezu kwalelonenekazi eliseduze kwakho, linesifo samathambo, lifuna ukusinda, nalo. Akunjalo, nenekazi na? Kulungile. Kuhle, manje, unakho.

183 Nenenekazi elihlezi eduze kwakho, uyawubona lowomoya omnyama ngaphesheya lapho uza lapho na? Lowo yilowomoya ubiza *lona* ngapha ukuba asizwe. Beka isandla sakho kowesifazane oseduze kwakho, unesifo samathambo, futhi, nalelo yinenekazi lapho. Ubunesifo samathambo, futhi, ubungenaso na? Nobabili niphulukisiwe, ukuze niye ekhaya, niphile. UNkulunkulu ukuphilisile.

184 Yiba nokukholwa, emuva ngalendlela, omunye umuntu. Yibani nokukholwa, bangane, kholwani uNkulunkulu. NingaMngabazi, Mkholweni nje.

185 NaKhu. Bukani ngamehlo enu, bangane. Unga…? Uqonde ukusho ukuthi awukwazi ukubona lokhu kuKhanya lapha, khona phezu kowesifazane ohlezi ekugcineni na? Ya. Ubukhuleka, ubungenjalo na? Ngobuqotho. Angikwazi. Ngabe kunjalo na? Awungazi. Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Uma uMoya oNgcwele uzongitshela ukuthi ukhuleka mayelana nani, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, khona-ke na? Uyakholwa na? Uyazi manje ukuthi usekuxhumaneni neNto ethize. UngumKristu, ikholwa. Unenkathazo ngeqolo lakho, yinkathazo yeqolo. Akunjalo na? E-hhe. Yilokho obukhuleka ngakho. Awusuye owakulelidolobha, awusuye ngisho owakulesisifunda, ungowaseRhode Island. E-hhe. Kunjalo. Nkk. Leighton…?…L-e-i-g-h-t-o-n, Nkk. Leighton. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Manje uya ekhaya ususindile, inkathazo yakho yeqolo isikushiyile, uJesu Kristu usekuphulukisile.

186 Uyakholwa na? Ngabe zonke izethameli ziyakholwa na? Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje khona-ke.

187 Baba, sinokuzwa ukuthi silapha eBukhoneni baKho. Mhlawumbe kunabantu lapha mhlawumbe abangeke baphinde babuye futhi, lobu kungahle kube ubusuku babo bokugcina, Usesekhona, Nkosi, ngikhuleka kuWe, eGameni likaKristu, yiba nomusa.

188 Futhi namakhanda enu ekhotheme umzuzwana nje, i-ogani idlala kamnandi naphansi, bangaki phakathi lapha manje, eBukhoneni bukaKristu, bazi ukuthi Ulapha, bangaki ongathanda ukuphakamisa isandla sakho, futhi uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele, ngifuna isehlakalo sangempela noNkulunkulu obukhuluma ngaye. Ngikhathele ukuphila lempilo enguhhafu, futhi ngi—ngi. . ." Mhlawumbe uyisoni, futhi ufuna ukusindiswa. Phakamisa isandla sakho, uzokwenza yini, kuNkulunkulu, le, phezulu le. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise.

189 O, he! Amashumi amane, amashumi amahlanu, izandla eziyikhulu noma ngaphezulu phezulu emoyeni. UNkulunkulu akubusise. Ngizonibuza okuthize, uma ezodlala, esadlala kwi-ogani: Uma ukholwa ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wami wabagulayo, kusobala, Ungizwile ngalokhu ukubizela e-altare, ngifuna nize lapha futhi nime khona phansi lapha, ngapha, ake ngehle nginikhulekele, nizokwenza na?

190 Sukumani kancane manje, sizocula elithi *Cish'ukuVuma*. Manje, ngifuna ngamunye wenu ofuna uNkulunkulu aguqule impilo yakho, khona manje, uma Engaguqula umzimba wakho, Angayiguqula impilo yakho, nayo yonke leyondawo Ayenza kuwe yomele Yena, ufuna ukuMkhonza, naYe ukuba angene futhi asuse sonke isifiso sezwe kuwe, ungehlela lapha ngqo wenzele umkhuleko na? Nizokwenza, sisacula elithi *Cish'ukuVuma na*?

191 Kulungile, dadewethu, kwi-ogani, uma uthanda, siphe indlela. Kulungile.

> "Cish'ukuvuma" . . .

192 Yenyuka umzuzwana nje. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba. Shiya isihlalo sakho manje, wonke lowo ofuna . . . Yenyukelani ngqo eduze manje, khona lapha, khona ngapha, yimani. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Phumani ngqo futhi nenyuke ngqo manje. UMoya oNgcwele uyanibiza. Omunye uzosukuma ukuba aninike isikhathi sokuba nize. Kunjalo. O, kunezethameli ezinkulu lapha, ezifanele zibe lapha. Yehla ngqo, uzokwenza na?

> "Cishe. . ." (Yiba qotho manje.). . .kodwa ukwehluleka!
> Kuyadabukisa, kuyadabukisa, lokho kulila okumuncu: "Cishe—kodwa ulahlekile!"
>
> "Cishe. . ."

193 O, kunabaningi benu abafanele beze, yenyukani ngqo, wozani. Kunjalo, bafo abangamakhaladi lapho, lokho kuhle. Akunandaba ukuthi ungubani, iProtestane, iKatolika, iChurch of God, noma yini, yehla ngqo. Uma ungamazi uNkulunkulu, leyondawo encane engakaze igcwaliswe ukunika uNkulunkulu lonke udumo, yehla ngqo manje, ungeze na?

. . . ungasuki;
O, kubonakala manje omunye umphefumulo ukuba uthi, "Hamba, Moya, hamba indlela yaKho;
Ngolunye usuku olukahle kakhulu, ngizobiza Wena."

194 Thembeka manje, kunabaningi phakathi lapha. Ungakuhlosa yini lokho lowomphefumulo okuwe, owaziyo ngempela ukuthi phansi komlayezo kulobubusuku, ulahliwe, awuphili ngendlela ofanele uphile ngayo, khona-ke ubone lokho kuKhanya okufanayo, okubona lapha eBhayibhelini, kuyehla futhi kuveza izinto ezifanayo Okwazenza ngenkathi Kuhlala emzimbeni othiwa uJesu, Wethembisa ukuba seBandleni laKhe, nangu Ehla ngqo eBandleni laKhe futhi enza into efanayo, efakazisa ukuthi Ulapha, nomphefumulo wakho kuwe ukukulahla ngecala, iziNgelosi zikaNkulunkulu zimi eduze, futhi zithi, "Ufanele uhambe . . . " Leli kungahle kube yithuba lakho lokugcina, ungahle ungafiki ekhaya kulobubusuku, ungahle ukuba ulele ufile embhedeni ekuseni, onyakeni kusukela manje, ungahle ukuba ukhuntile ethuneni. Futhi manje, ungahle ungabi njalo, angazi, kodwa ngithi nje ubungaba njalo, ngelinye ilanga uyoba njalo. Kungani kungabi yimanje na?

195 Niyakwazi lokho okudala, ukubizela e-altare kwaseningizimu *O, Kungani Kungabi Kulobubusuku na?* Ngabe abantu bayalazi lelo na? Siphe indlela kulo. Futhi ngizokubuza okuthize. Wozani, nina malungu ebandla asivivi, niyazi nenze okungalungile, nina besifazane, nina besilisa, bafana namantombazane, buthanani nizungeze. Ngizwa ngiholeleka ukwenza lokhu, bangane. Impela, Nkulunkulu . . . Anazi yini ukuthi nginitshela iqiniso na? UNkulunkulu ukufakazisile. Manje nginitshela iqiniso: Kunemithwalo yenu edinga ukuma lapha. Ningeze manje na? Ningeze na?

O, ungavumeli iZwi lisuke,
Futhi vala amehlo akho ekuKhanyeni,
Lesi yisikhathi, o, khona-ke hlakanipha,
O, kungani kungabi kulobubusuku na?

Sonke kanye kanye:

O, kungani kungabi kulobubusuku na? (Hhayi kulobubusuku na?)
O, kungani . . . ?

196 Kunjalo, phuma ngqo futhi uze, woza wehle ngqo ngesikhala sezihlalo, zizungezise lapha. UNkulunkulu uselungele ukukunika khona uma uzosukuma bese uthi, "Ngiyakudinga." Angeke akubusise uze uzizwe ukuthi ungodingayo. Uma uzizwa wenele, kulungile.

. . . kungabi kulobubusuku?

Kusasa ilanga lingahle lingakhanyi neze
Ukubusisa ukubona kwakho okudukisayo;
Lesi yisikhathi, o, khona-ke hlakanipha,
Uyasindisa, o, kulobubusuku. (Ngikunika uJesu.)

O, kungani (Ngitshele ukuthi kungani.) kungabi kulobubusuku na?

Yimuphi umcabango ongawunikeza ngokungezi na?

. . . kungabi kulobubusuku?
Uyathanda ukusindiswa na?
Manje-ke kungani . . .

Kunjalo, mngane, yehla ngqo.

. . . kulobubusuku?

197 Yiziphi izaba ongazinikeza manje na? Manje, ake ngisho lokhu kini osemuva lapho, mina ngazi enhliziyweni yami, ngoMoya kaNkulunkulu, uyaMdabukisa ngokwenza okwenzayo. Mangisho, neBhayibheli phezu kwenhliziyo yami, iNgelosi kaNkulunkulu inami: Igazi alikho phezu kwami, nginitshele iqiniso, nidinga ukuhamba noNkulunkulu, niyaphuma enhlanganyelweni, yehlani, leli yihora lenu. Wozani manje, sisacula kanye futhi; lokhu ngokokugcina. Kungani na? Nginike izaba ukuthi kungani. Kungani ungekwenze na?

198 Uthi, "Umsebenzi wami."

Uyeke.

199 "Umama wami, uzongixosha ekhaya."

Abaningi uhambe yedwa noKristu.

200 "Ubaba wami angeke akuthokozele."

201 UBaba waKho waseZulwini uzokwemukela. "Ngizoninika obaba, nomama, futhi . . . " Ngadingeka ngishiye ikhaya lami, nami, ngenxa yakho, kodwa uNkulunkulu unginika amashumi ezinkulungwane zawobaba nomama emhlabeni jikelele. Into enkulu kunazo zonke noma yimuphi owesilisa ake ayenza, ngenkathi yena, noma owesifazane, lapho besuka esihlalweni sabo behlela e-altare lomkhuleko. Kunjalo.

202 Anginiceli ukuba nize nijoyine ibandla. Nginicela ukuba nize, nemukele uKristu ngenkathi uBukhona baKhe lapha. Yini enye Abengayenza na? Uma Aphulukisa abagulayo, noma kunjalo bekungeke kube kukhulu njengalokhu; Uyabaphulukisa abagulayo. Wayengenakubonakala emzimbeni obonakalayo, ngoba lapho Ekwenza, isikhathi asisayikubabikho ngaleyonkathi. Kodwa Ulapha eBandleni laKhe, ekukhombisa ukuthi Uvukile kwabafileyo, ezama ukukuthola ukuba uze uMemukele njengeNkosi yakho evukileyo. Kanye futhi manje, sisacula *O, Kungani Kungabi kulobubusuku na?* Kulungile.

O, kungani kungabi kulobubusuku na?

203 Lunga lebandla, soni, awuzi ngani na? Khumbulani: EGameni leNkosi uJesu, ngininika uKristu, uma ngingaphinde nginibone kuze kube ngukwaHlulelwa, lesi yisikhathi senu.

Manje-ke kungani kungabi . . .?

204 Lapho uthingo lwenkosazana oluningi lushwibeka ezibhakabhakeni, imililo iyehla, amasputniki asevele aqathaze amabhomu awo, futhi isandla esilobayo sisodongeni, isikhathi asisayikubabikho, kuyobakhona ukwehlukana okukodwa komzuzwana akuyikubakho . . . Kuzoba nezigidi eziphindwe kazigidi ezifundeni zaseNew England kulobubusuku eziyoshanelwa zingene ePhakadeni ngaphandle kwethuba. Khumbulani, Lowo Okhulumayo kulobubusuku, uMoya uyazi ukuthi yini iqiniso. Woza.

205 Kulungile. Ngenkathi izisebenzi manje zisafika futhi zime zizungeze lababantu manje, ngenani ezikhundleni zenu nxazonke, laba abaqeqeshelwe lapha ukwenza umsebenzi womuntu siqu, nenze izindawo zenu. Nonke ofuna ukuza nabo, woza ngalesisikhathi manje. Labo aba . . . Ngabe unalo i—igumbi phakathi lapho, ndawondawo obayisa kulo, igumbi lokuyala na? Kulungile. Umzuzwana owodwa nje khona-ke, bayeza manje; abanye bayeza bazosindiswa. Asikhothamise amakhanda ethu, ndawo zonke, ngisafuna ukukhuleka njengoba ngifunile ukuba ngikhuleke.

206 Nkulunkulu othandekayo, yiba nomusa kulababantu, lesi kungahle kube yisikhathi sethu sokugcina sokubonana, Nkulunkulu oThandekayo, size siKubone umi ngaleya. O, uma Uzofikela iBandla laKho ngaphambi kwembubhiso . . . Ngaphambi kokuba kwehle iconsi elilodwa lemvula, uNowa neqembu lakhe wayesemkhunjini, neNgelosi yeNkosi, Eyehlela eSodoma, umlayezo waYo wawungukuthi, "Shesha," kwakungukukhululwa nesihawu.

207 INgelosi efanayo, Eyafulathela ithende ngomhlane waYo, futhi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" O Nkulunkulu, kwangathi abantu bangaqonda, leyoNgelosi efanayo ilapha kulobubusuku eyazi imfihlo yenhliziyo, ngokufanayo njengoba Yayazi ukuthi uSara wahleka emuva ethendeni.

Wathi, "Angihlekanga."

Kodwa Yathi, "O, yebo, uhlekile." Wawuyini umlayezo waleyoNgelosi na? Ngaphambi nje kokuba uMlilo wehle. Nakhu lapho okhona futhi, Nkosi.

208 Ngiyakhuleka manje, akusekho okunye engingakwenza. Bayizithelo zomlayezo, umlayezo waKho, bangabaKho, bafikile. "Akekho ongeza kiMi," Wena wathi, "uma uBaba waMi engamdonsi." Khona-ke Nkulunkulu, Wadingeka ube lapha ukuba ubadonse lapha. Abaningi, abantu abaningi, i-altare ligcwele phama, futhi phansi phezulu ezikhaleni zezihlalo. Futhi ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuthi Ubakhuphulele lapha,

ukuthi Uzobapha iNdodana yaKho ethandekayo njengezipho zothando. Bese kuthi-ke, siyazi ukuthi akekho ongabahlwitha esandleni saKhe. Wena wathi, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze angene ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

209 Nkulunkulu, kwangathi leliqembu labantu abalambile lingangena kuleligumbi elincane lapha manje, futhi ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngokuba lapho izandla zisetshenziswa kubo phakathi lapho, ngokwemithetho yabaPhostoli, kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, nalowomthombo wenhliziyo yabo othintiwe kulobubusuku, nawo onke amakani amathini amadala nemfucumfucu yezwe kuhlanziwe, kwenza inhliziyo entsha ukuba kuNkulunkulu ikhonze. Siphe khona, Nkosi. Lokho koma manje kuzela Wena.

210 Bangcwelise e-altare, ukuthi lapho bengena lapho, bangahle bagcwaliswe ngokulunga kukaNkulunkulu, noMoya waKhe ubangenise. Siphe khona, Nkosi. Ngibethula kuWe, eGameni likaJesu Kristu.

211 Manje, niselapha, izisebenzi zilapha, izindawo zingezenu ukuba ungene khona lapha, ukuze singene futhi sikhuleke nani ukuba nigcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu. Ngenani ngqo manje, njengoba niza, sisaqhubeka nokucula *O, Kungani Kungabi Kulobubusuku na?* Futhi, izethameli:

O, kungani kungabi kulobubusuku na?

212 Wozani ngqo, nonke, enimi nizungeze lapha manje. Nina enifuna ukuza nabo futhi nemukele uMoya oNgcwele, ngenani ngqo, hambani ningene ngqo, leli yihora lakho, isikhathi sakho. Sizongena ngqo ukuba sikhuleke nabo, singena ngqo, sibeke izandla phezu kwabo. Uma uNkulunkulu ezopha . . . (Sengibakhulekele.) Uma uNkulunkulu ezopha lokhu phandle lapha, Uzopha ini phakathi lapho na?

. . . kulobubusuku? (Woza lapha, Mfundisi ohloniphekile.)

O, kungani (Ungayithatha inkonzo na?) . . . kulobubusuku na?

213 Woza ngaphakathi manje njengoba siya emkhulekweni.

